

**SIGUBHA IMINYAKA ENGAMA-20 YENTANDO YENINGI**

# **INKULUMO NGESABELO SEZIMALI 2014/15**



**MS INA CRONJÉ, MPL**  
***UNgqongqoshe wezeziMali***

**11 kuNdasa (kuMashi) 2014**



ISBN No.: 0-86967-352-1

To obtain further copies of this document, please contact:

Provincial Treasury  
5th Floor  
Treasury House  
145 Chief Albert Luthuli Road  
3201

P O Box 3613  
Pietermaritzburg  
3200

Tel: +27 (0) 33 - 8974200  
Fax: +27 (0) 33 - 8974617

**OKUQUKETHWE**

<b>ISINGENISO: SIGUBHA IMINYAKA ENGAMA-20 YENTANDO YENINGI .....</b>	<b>2</b>
<b>A. ISABELOZIMALI: INDABA ENHLE ESINGAYIXOXA .....</b>	<b>3</b>
<b>B. UKUBUKA ISABELOZIMALI.....</b>	<b>4</b>
B.1 Ukuxhumana noMphakathi.....	4
B.2 Umumo wezimali .....	5
<i>B.2.1 Amazwe omhlaba.....</i>	<i>5</i>
<i>B.2.2 Uzwelonke .....</i>	<i>5</i>
<i>B.2.3 ISifundazwe saKwaZulu-Natali.....</i>	<i>8</i>
<b>C. INQUBOMGOMO YEZIMALI NOKUTHI ICHAZANI ESIFUNDAZWENI SAKWAZULU-NATALI .....</b>	<b>8</b>
<b>D. UKUKHOKHELA ISABELOZIMALI SOWEZI-2014/15 MTEF.....</b>	<b>9</b>
D.1 IMALI ESIZIQOQELE YONA: Ukwabiwa kwezimali ezongeziwe ezivela ESIKHWAMENI SESIFUNDAZWE: INDABA ENHLE ESINGAYIXOXA .....	9
D.2 UKUNIKEZELANA NGEMISEBENZI PHAKATHI KWEMINYANGO.....	17
D.3 Okuhamba phambili ezweni: IMALI EKADE INGEKHO EVELA EMNYANGWENI WEZOKUGCINWA KWAMAFA KUZWELONKE .....	18
<b>E. UHLAKA LWEZIMALI ZIKAHULUMENI LOWEZI-2014/15 .....</b>	<b>19</b>
E.1 Izibonelelo ezinemibandela .....	21
<b>F. UKUBUSA KAHLE.....</b>	<b>23</b>
<b>G. UKUSEBENZISA IMALI KWINGQALASIZINDA.....</b>	<b>26</b>
G.1 OSEKWENZEKILE KUMAPHROJEKTHI OWEZI-2013/14.....	26
G.2 AMANYE AMAPHROJEKTHI ENGQALASIZINDA AHLELELWE IZIMALI ZOWEZI-2014/15 MTEF .....	28
<b>H. UKUBHEKA KONKE NGESETHULO NGASINYE SEZIMALI ZOWEZI-2014/15 MTEF</b>	<b>30</b>
H.1 IHhovisi likaNdunankulu .....	31
H.2 ISiShayamthetho.....	31
H.3 Ezolimo, eZemvelo nokuThuthukiswa kwezindawo zasemakhaya .....	32
H.4 Ukuthuthukiswa koMnotho kanye nezokuVakasha.....	33
H.5 Ezemfundo .....	35
H.6 OwezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni.....	36
H.7 Ezempilo .....	37
H.8 Ezokuhlaliswa kwaBantu.....	38
H.9 Ezokuphepha koMphakathi kanye nokuXhumana .....	39
H.10 EzaseNdlunkulu.....	39
H.11 EzokuBusa ngokuBambisana kanye neziNdaba zeNdabuko.....	39
H.12 Ezokuthutha .....	40
H.13 EzeNthuthuko yoMphakathi.....	40
H.14 Imisebenzi yoMphakathi .....	41
H.15 uBuciko namaSiko .....	42
H.16 Ezemidlalo nokuNgcebeleka .....	43
<b>ISIPHETHO.....</b>	<b>44</b>

**ISIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATAL**  
**Inkulumo yesabelozimali kaNkk. Ina Cronjé**  
**UNgqongqoshe wezeziMali, ekwethulweni kwesabelo sika**  
**2014 MTEF (enikeza uhlaka lokusetshenziswa kwezimali esikhathini esiyiminyaka**  
**emithathu) esiShayamthetho sesiFundazwe mhlaka**  
**11 kuNdasa (kuMashi) 2014**

**SIGUBHA IMINYAKA ENGAMA 20 YENTANDO YENINGI**

Kulo nyaka sigubha iminyaka engama 20 yentando yeningi. Ngesikhathi sigubha, sixoxa indaba yethu.

Kubantu abaningi baseNingizimu Afrika, izwe lethu namuhla selingcono kakhulu kunalokho elaliyikho eminyakeni engama 20 eyedlule. Esizukulwaneni esisodwa nje sesenze umsebenzi omkhulukazi.

Imali elindelekile ewumholo wabaseNingizimu Afrika eyehla ngama 15% eshumini leminyaka eledlule lombuso wobandlululo, seyenyukile ngama 30% kusukela kowe 1994 ngesikhathi uhulumeni wentando yeningi uthatha izintambo.

Situsa ingqalabutho enguNelson Mandela nalabo ababamba iqhaza kuqala kunaye, ngeqhaza elikhulu abalibambile ekubhaleni indaba yethu yentando yeningi - indaba enhle kangaka:

Senze okungaphezulu kwalokhu esasizibekele khona:

- Izwe elizinzile elibuswa ngentando yeningi elamukela lokhu eliyikho.
- Umnotho usudale imisebenzi eyizigidi eziyisi 5.9 kusukela kowe 1996.
- Eminyakeni eli 19 edlule umnotho waseNingizimu Afrika ukhule ngama 77% ngokwezibalo zangampela.
- Ukubhalisa kwezingane ezikoleni okwenzeka ezindaweni zonke kanye nokwengezwa kweminyaka yokufunda sekuphucule izimpilo zezigidi zabaseNingizimu Afrika. Ukubhalisela ukufunda emanyuvesi sekuphindeke kabili.
- Ukufinyelela ezidingweni eziyisisekelo sekukhule kakhulu.
- Sekube nokukhula okukhulu ekubambeni iqhaza kwabamnyama emnothweni, okubonakala kakhulu ukuguquka kwabaphila impilo esezingeni eliphakathi nendawo.
- Ubunikazi bamasheya abamnyama abhaliswe kwi-Johannesburg Stock Exchange (JSE) sebukhulile busuka kuma 5% kowe-1995 buya kuma 21% kowezi 2012. Amaphesenti ezimenenja eziphezulu ezimnyama (ezisebenzela uhulumeni kanjalo nezinkampani ezizimele) enyuka esuka kuma 13% kowezi 2000 aya kuma 32% kowezi 2012, kanti nezimenenja eziphezulu ezimnyama zakhula zisuka kuma 19% kowezi 2000 zaya kuma 39% kowezi 2012. Abamnyama manje yibona asebeyiningi kulabo abaphila impilo esizingeni eliphakathi nendawo eNingizimu Afrika.
- Izikhungo zezimali ezisetshenzwa ngendlela kanye nezilawulwa ngendlela ziyakwazi ukubhekana nezimo zomhlaba jikelele ezishintshashintshayo.

ukubalula okumbalwa.

uMadiba wasikhumbuza ukuthi "akekho kithi ongakwazi ukuphumelela uma ezimele yedwa. Ngakho-ke kumele sisebenzisane njengabantu ababumbene ukuze izwe libuyisane, kwakhiwe isizwe, ukuze kuzalwe umhlaba omusha. Makube khona ubulungiswa kubo bonke abantu. Makube khona ukuthula kwabo bonke. Makube khona umsebenzi, isinkwa, amanzi kanye nosawoti wabo bonke. Umuntu ngamunye makazi ukuthi umzimba ngamunye, umqondo kanye nomphefumulo usukhululiwe ukuba bagculiseke."<sup>1</sup>

Yebo, siyazi ukuthi umsebenzi wethu awukapheli. Sesibe neminyaka engama 20 yenqubekela phambili kodwa kusenezinselelo ezinkulu ezikhona. Ukubambisana kuyadingeka ukuze kunqotshwe ukungaqashwa kwabantu osekunezimpane, imisebenzi yezenhlalakahle esebenza ngendlela kanjalo nokudalwa kwamathuba emisebenzi adingekayo ukuze kunqotshwe ukungalingani okukhulu okukhona emiholweni kanye namathuba.

Semukela bonke esisebenzisana nabo abanathi abahlezi kwigalari yomphakathi abakhona lapha namuhla ukuba sizocobelelana ngohlelo lwesabelozimali seminyaka emithathu seSifundazwe oluzosisiza sizuze okukhulu. Isabelozimali sethu siwuhlelo olubhekwe ngokucophelela okumele luqaliswe ukusebenza esikhathini esilinganayo kube kugxilwe kakhulu esikhathini eside sokwakha umnotho ngokubhekana nokungalingani kanye nokuhlupheka, okudalwa wukungasebenzi.

## **A. ISABELOZIMALI: INDABA ENHLE ESINGAYIXOXA**

Namuhla ngethula i-MTREF yowezi 2014/15 (uhlaka lwemali ezuziwe nesetshenziswayo kanye nezimali ezitholakala esikhathini esimaphakathi) yeSifundazwe saKwaZulu-Natali.<sup>2</sup> Imininingwane eyongeziwe ingatholakala kwi-MTEF yowezi 2014/15 eqagula izimali eziyinzuzo nezizosetshenziswa isifundazwe eyingxenywe yemiqulu engiyethula namhlanje.

Eminyakeni engama-20 eyedlule, iNingizimu Afrika seyakhe isisekelo esiqinile sokuthi ikwazi ukubhekana nezinselelo zayo. Ukubeka isisekelo sendlela entsha nefaka konke, uHlelo lweNtuthuko kuZwelonke luphinde luhlahle indlela mayelana nokwabiwa kwezinsiza kusebenza zikahulumeni.

Isabelozimali sethu kumele siqhubeke nokufinyelela ezinhlosweni zethu, okuyilezi:

1. Ukwakhiwa kwemisebenzi
2. Ukuthuthukiswa kwababhekelela izisebenzi
3. INtuthuko yaBantu kanye noMphakathi
4. Ukugcinwa kahle kwendawo
5. Ingqalasizinda eyenziwe ngeSu
6. UkuBusa ngendlela kanye neNqubomgomo

1 Izindlu zoMbuso, ePitoli. 10 kuNhlaba kowe-1994.

2 ISigaba 28 (1) soMthetho oLawulwa ukuphathwa kweZimali zikaHulumeni (1999) sibiza ukuba uNgqongqoshe wezeZimali eSifundazweni asethule njalo ngonyaka phambi kweSiShayamthetho, ukuqagulwa kwesabelozimali seminyaka emingi ezayo; a) isilinganiso semali ekulindeleke ukuba itholakale ngalowo nalowo nyaka wezimali wesikhathi seminyaka eminingi. b) isilinganiso semali okulindeleke ukuthi isetshenziswe iminyango ngalowo nalowo nyaka wesikhathi seminyaka eminingi, okwehlukana phakathi kwemali efakiwe kanye nemali esetshenziswe njengamanje.

7. Spatial Equity (ukwabiwa kwezindawo ngokwezilinganiso ezifanele)

Ukuze kusebenze i-NDP (uHlelo lweNtuthuko kuZwelonke), iminyango kahulumeni Kanye neZinhlaka zikaHulumeni kumele zikhombise ukuthi isabelozimali sabo basisusele kwi-NDP, kanjalo nokubekwe phambili yisifundazwe okuvela ohlelweni lokukhula kwesifundazwe kanye nentuthuko kanjalo nesu lokukhula kwesifundazwe kanye nentuthuko - kokubili okwenziwe kwahambisana ne-NDP

Ukulungiselela isabelozimali uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni kumele uqinisekise ukuthi uqoqe imali eyanele ezokhokhela izindleko ukuze kuhlinzekwe ngezidingo kuzo zonke izakhamuzi zethu. Kumele futhi siphendule esimweni esishintshile, okuhamba phambili okusha kanye nezingcindezi okuyobe sekuqaliswa kowezi-2014/15 ekuguqulweni kwesabelozimali esibuyekeziwe.

## **B. OKUMAYELANA NESABELOZIMALI**

Uhlelo lwesabelozimali wuhlelo okubanjwa iqhaza kulo, iMinyango inikwa ithuba izikhathi eziningana onyakeni ukuba isebenzisane noMnyango wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni kanye nokuxoxisana ngesabelozimali sayo kanye nanoma yiziphi izingcindezi ezihlobene nesabelozimali okungenzeka ukuthi ihlangabezana nazo ezinhlelweni zayo zonke. Lezi zicelo zemali zibekwa ngokusemthethweni minyaka yonke eKomidini lokuSetshenziswa kwezimali eSikhathi esifushane elihlala ngoNcwaba nokuyilapho iMinyango kanye neziNhlaka zikaHulumeni ziletha khona izicelo zazo ngokusemthethweni kanjalo zicacise nokubekwe phambili okuyisisekelo soMnyango wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni. Njengengxenywe yalolu hlelo, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni udinga ubufakazi bonke bokuthi oNgqongqoshe abaqondene bayahambisana nezicelo zokukhokhelwa imali, nokuthi zethuliwe kwaphinde kwaboniswa ngazo namakomidi asesishayamthetho aqondene.

### **B.1 Ukuxhumana noMphakathi**

Izindlu, ugesi kanye nokudalwa kwamathuba emisebenzi yikho okuseqhulwini lohlu lwezikhalo zezinkulungwane zabantu okwaxhunyanwa nabo mayelana nesabelozimali zikazwelonke kanye nesesifundazwe. Kulokhu uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni uxhumane nosomabhizinisi kanjalo nemiphakathi emihlanganweni eyandulela nelandela ukwethulwa kwesabelomali.

Lokhu kwenzeke ngesikhathi umnyango uhlangene nabamabhizinisi esidlweni sasekuseni kanye nemihlangano nemiphakathi endaweni yaseJozini eMgababa, kanye nase Port Shepstone, ngonyaka owedlule, nangemihlangano eyandulele lesisabelozimali ebise Underberg kanye naseHluhluwe. Sizohubeka nalemihlangano emva kwalesisabelomali engisethula namuhla njengoba sihlala ukuvakashela Hibiscus Coast, Nongoma, nase Nquthu ngaphambi kokuba kuphele isikhathi esibekelwe sona.

## **B.2 Isimo sezoMnotho**

### **B.2.1 Amazwe omhlaba**

INingizimu Afrika iyingxenye ebalulekile yomnotho womhlaba ngakho-ke isabelozimali sethu sidinga ukuba sibekwe endaweni ekhulayo yeminotho emikhulu emhlabeni jikelele kanye nasezweni ngaphakathi.

Umumo wasemazweni omhlaba ungafingqwa kanje:

- Ukukhula kukhona nakuba kuhamba kancane
- Ukukhula emhlabeni jikelele<sup>3</sup> kuzokwenyuka kancane kowezi 2014 uma kuqhathaniswa nalokho okwakubhekeke ngoMfumfu kowezi 2013, okuncike kakhulu ekukhuleni okuqhubekayo eminothweni ephezulu ngezinga. Okukhishwa wumhlaba kulindeleke ukuba kukhule ngama 3.7% kowezi 2014 kuphinde kukhule ngama 3.9% kowezi 2015 (IMF, 2014).
- Ukukhula eMelika kuzokhuphuka kusuka kuma 1.9% kowezi 2013 uye kuma 2.8% kanye nama 3% kowezi 2014 nakowezi 2015.
- EJaphani, i-GDP ilinganiselwa kuma 1.7% kowezi 2013 kanye nakowezi 2014 ngaphambi kokuba yehle iye kwi 1% kowezi 2015.
- amazwe asebenzisa i-euro alindeleke ukuba asimame ngesilanganiso esingu 1% ngowezi 2014 esuka kwisilinganiso esingu 0.5% esasiqagulwe ngowezi 2013. Iamazwe kulindeleke ukuba akhule ngesilinganiso esingaba ama 1.4% kowezi 2015.
- Iminotho yezimakethe esafufusa iyaqhubeka nokuba yingxenye enkulu yokukhula emhlabeni jikelele. Ukukhula komnotho ezimakethe zomnotho ezisafufusa kuqagulwa ukuthi kufinyelele kuma 5.1% kanye nama 5.4% kowezi 2014 kanye nowezi 2015 ngokulandelana. Ukukhula okulindelekile eminothweni yezimakethe esafufusa ibiyelwe wukuqalisa ukulungiswa kwezinhloko okuhamba kancane, ukwenyuka kakhulu kwamandla emali, ukungalingani kokumayelana nezezimali kanye nemibandela eqinile yezezimali.
- Umnotho we-Afrika eseNingizimu kulindeleke ukuba ukhule ufike esilinganisweni esingama 6.1% kowezi 2014. Ukukhula okuphakathi nendawo okulindelekile kwesekwe wukuqhubeka kokutshalwa kwezimali kwingqalasizinda kanye nokukhiqiza.

### **B.2.2 UZwelonke**

**INingizimu Afrika isiyikhulisile imali yayo ngokuphindwe kathathu selokhu kwaba nentando yeningi nakuba kwaba nenkinga emhlabeni jikelele kowe 1998 kanye nokuwa kwamandla omnotho kowezi 2009.**

---

3 ISikhwana seZimali soMhlaba jikelele. kuMasingana 2014.



Uhulumeni wethu okhethwe ngokwentando yeningi ukwazile ukwakha umbuso osimeme, onokuthula nongacwasi ngobuhlanga onomlando okungabukelwa kuwo yenkululeko ngakwezabahlali kanye nenkululeko yezombusazwe. Ngempela - izwe elibuswa wumthetho. Sesiqalise umzamo omusha (nomba eqolo) wezinhlelo zokuguqula isimo somphakathi ukubhekana nokwehlukana osekunesikhathi kukhona, kodwa esimweni esimayelana nemigomo yezezimali egcina ukwehla nokwenyuka kwemali kusezingeni eliphansi. Ngaphezu kwalokho, umnotho wavulela abahwebi basemazweni omhlaba kanye nokuhamba ngokukhululeka kwemali.

Ukunotha njengesizwe hhayi njengomuntu ngamunye kubaluleke kakhulu njengengxenywe yenqubekela phambili. Isimo esihle sezomnotho sibalulekile ukuze kuthuthuke umphakathi kanye nabantu, lokhu kuncike emnothweni osimeme ofukulwa yimfundo ephambili, ingqalasizinda eyanele, izikhungo ezisebenza ngendlela kanye nomphakathi onamakhono nokwazi ukwenza izinto: ukuze sifinyelele kulokhu sinohlelo olufaka konke oluvuna ukuthuthuka kwesizwe njengoHlelo lweNtuthuko kaZwelonke njengoba kuchazwe ngenhla.

*Umnotho waseNingizimu Afrika uqhubekile nokukhula, kodwa ukhule kancane kunalokho obekuqaguliwe esikhathini esiwunyaka esedlule. Silindele ukukhula okungama 2.7% kulo nyaka, kuye kuma 3.5% kowezi 2016. Ukukhula emnothweni kwama 3% kuzonika iNingizimu Afrika imali eyongezwe eyizigidi eziyi R11 kulelo hora osukwini.<sup>4</sup>*

Nakuba kunemizamo eminingi kahulumeni yokweseka ukudalwa kwamathuba emisebenzi, ukukhula kancane kuchaza ukuthi isivini sokudalwa kwamathuba emisebenzi sisalele ngemuva endaweni yezabasebenzi, nokuyikho okunesandla ekukhuphuleni amazanga okungabibikho kwemisebenzi. Kuningi okuhle esikwenzile eminyakeni engama 20 edlule kodwa asikwazi ukuzithela ngabandayo, njengoba sisabhekene nezinsalelo eziningi kulokhu.

## **Ukubheka inqubomgomo yezezimali kanye nalokho ekuchazayo**

Uhulumeni ulokhu ezinikele **kwinqubomgomo yokwenyusa ukhula komnotho ngesikhathi lapho ungasebenzi ngokuncomekayo**. Inqubomgomo yenza kugcineke imali esetshenziwe isezingeni elithile, yesekwe yimizamo **ebalulekile kanye nezinqubomgomo yokuphucula ukusebenzisa imali ngendlela. Ngokuhambisana nokubheka ukwenyuka kwemali esiyiqoqayo, inqubomgomo yezezimali ilekelela ekulinganiseni nasekuqhubekeni nokweseka umnotho**.

Kodwa izimo ezikhona emhlabeni jikelele ziyaqhubeka nokunqinda indawo ekhona kwezezimali eminyakeni ezayo. INingizimu Afrika itshala izimali ezingaphezu kwalezo ezongayo bese ikhiphela emazweni angaphandle impahla encane kunaleyo engeniswa ezweni, nokuholela ekusileleni emuva kokukhokhelwa kwezikweletu.

Kuqagulwe ukuthi imali yokukhokhela izikweletu kowezi 2014/15 iyizigidigidi ezewu R5 ngaphezu kokwakuqagulwe kumfumu kowezi 2013. Ngokohlelo lukahulumeni lokulawula izikweletu imali eshoda kwisabelozimali kulindeleke ukuba inciphe isuke kuma 4.0% e-GDP kowezi 2013/14 yaya kuma 2.8% kulowo nyaka, ukweseka ukuhlala kwesikweletu esingama 44.3% e-GDP.<sup>5</sup>

---

4 JP Landman. The Long View. 2013.



Ngaphandlekwalokhu okungenhla, ukuqoqwa kwentela kulokhu kusesimweni esigculisayo kowezi 2013/14m kanye nemali okwakuqagulwe ngonyaka odlule ukuthi iziqoqwa ikhombwe ukukhula ngesigidigidi esi R1 saya ezigidigidi ezingama R899.

Ukulandela isibonelo seKwaZulu-Natal, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke uqinisa isifociya futhi uqhamuka nezindlela zokwehlisa imali eshodayo kusabelozimali. Ngaphezu kwalokho uhulumeni bekumele ubhekane nokwehla kwamandla ezimali kanti iNingizimu Afrika njengamanye amazwe asafufusa ikhulise isilinganiso ngamaphuzu angama 50 kucina kuma 5.5% kuMasingana kowezi 2014. Ukwenyuka kwesilinganiso semalimboleko kwakuhloswe ngakho ukuheha izimali zakwamanye amazwe ngenhloso yokukhokhela izikweletu.

Ngesikhathi uhulumeni elawula amazinga ezikweletu, siphinda sinxuse izakhamuzi zethu ukuba ziphile ngemali ezinayo. Sivame ukusebenzisa kanye nokweboleka imali engaphezu kwaleyo esingakwazi ukuyikhokha. Abantu baseNingizimu Afrika bayisebenzisa kakhulu imali, uma beqhathaniswa nabalingani bethu bakwi-BRICS. Amaphesenti ezikweletu zemizi kwiGDP ngasekupheleni kowezi 2012<sup>6</sup>:

- IChina, iNdiya neRashiya banezinombolo ezingama 28%, 10% kanye nama 9% ngokwehlukahlukana ngasekupheleni kowezi 2012 (IMF)
- Ama 47.6% eNingizimu Afrika: okuyizinga eliphezulu ezweni elisathuthuka uma kuqhathaniswa nabalingani balo kwi-BRICS.

Ukungahleli kahle izimali zomuntu ngamunye kanye nemikhuba yokusebenzisa imali ngokungalingile kongeza umthwalo owongeziwe kuhulumeni ngenombolo enkulu yabancike ekutholeni isibonelelo, abangeke bakwazi ukuthatha umhlalaphansi ngaphandle kosizo lukahulumeni.

Ukubhekana nalokhu, **Uhulumeni usenze uguquko olukhulu ekongeni eminyakeni emibili eyedlule ukugqugquzela abantu abaningi ukuba bongele ukuthatha umhlalaphansi kanye nokucina izimali abazongile esikhathini sonke sokusebenza kwabo.**

- Ushintsho ekudonsweni kwentela emalini efakelwa isikhwama somhlalaphansi luzoba nosizo emalungwini amaningi esikhwama somhlalaphansi bese kuwagqugquzela ukuba ongele ukuthatha umhlalaphansi.
- Ukugqugquzela ukutshalwa kwezimali ngokuba zifakwe ebhange, izindlela zokonga ndawonye, izikhwama zezimali ezilinganiswa nezakwamanye amazwe kanye nokuqhubeka kwama-akhawunti okonga
- UNgqongqoshe wezeziMali uPravin Gordhan uphinde wabika ukuthi isivumelwano neNhlangotho yoKonga kanye nokuTshala izimali yaseNingizimu Afrika isemkhankasweni wokwehlisa izinga lezimali eziyinhlawulo ekhokhwa uma uthatha umshuwalense wokongela umhlalaphansi. Uhlaka oluqondisayo lwezinguquko luzoshicilelwa maduzane. I-KZN iyogcina izakhamuzi zifakwe ngeNhlangotho yokuFundiswa ngezeziMali KwaZulu-Natali, ukubambisana kwethu singuhulumeni nabezinhlangano ezizimele kudidiyela kuphinde kuhambise izinhlelo zokufundisa ngezezimali eKZN.

5 Budget Review. National Treasury. 2014.

6 International Monetary Fund.

**B.2.3 KwaZulu-Natali**

Nakuba ukukhula okwakulindelekile kwakungama 2.4%, kungenzeka kube ama 2% kowezi 2013. Ama 3% kowezi 2014 ehliselwa kuma 2.6% kanye nama 3.4% alindeleke kowezi 2015.<sup>7</sup>

I-GDP yangempela yaseKZN wawulinganiselwa ezigidigidi ezingama R322.2 kowezi 2012, okwenza kube wumfakisandla omkhulu emnothweni waseNingizimu Afrika. Nakuba lokho kungaphansi kokulindelekile okungama 36.1% eGauteng, Kanti kungaphezulu kwama 14.8% aseNtshonalanga Kapa.

Siyaziqhenya ngesikuzuzile eSifundazweni:

- Izimali zikahulumeni wethu zisimeme kanti sithola inzuzo kwi-akhawunti yethu yasebhange enemali ukunokuba sikhokhe inzuzo esikweletini. Lokhu kwenze ukuba uhulumeni weSifundazwe anwebe ukulethwa kwezidingo eSifundazweni sethu njengoba imali etholwe njengenzuzo yabelwa amaphrojekthi ongeziwe njengoba kushiwo enkulumweni yokwethula isabelozimali.
- I-KZN iyindawo evakashelwayo ekhula ngokushesha ezweni.
- Ukunyuka kwamandla emali eKZN kwakusikazwa ukuthi kungama 5.2% kowezi 2013, okungaphakathi noma ukulingana nokuhamba phambili kuzwelonke<sup>8</sup> (Stats SA).
- Ukungasebenzi kanye nokwenyuka kwamandla emali kwehla kodwa ingcindezi yezomnotho isephezulu kubantu bakithi abaningi.

## **C. UKUBHEKWA KANYE NOKUCHAZWA YINQUBOMGOMO WEZENTELA KAHULUMENI**

KwaZulu-Natali inezinkinga eziningi okumele kubhekwane nazo uma kuza ezimalini zethu zesifundazwe, owezi 2009/10 ocishe waba wunyaka nzima kakhulu. Ngokwaba imali ngokucophelela sigada siphinde sibheke ukuhamba kukakheshi, i-akhawunti yethu yasebhange ihlezi inemali kusukela ngoNhlaba kowezi 2010.

Kule minyaka, ukusebenzisa imali komphakathi eNingizimu Afrika sekunyuke kakhulu ngomzamo wokufukula ukukhula komnotho **ngokutshalwa kwezimali okungazungezi** ngesikhathi umnotho untengantenga. Lokhu kukhula kwadalwa ukakhulukazi wukwenza kahle kakhulu kwezimali. Kodwa kowezi 2009/10, imali ayenelanga isabelozimali esasibekiwe kanti izwe kwadingeka ukuba liboleke ukuze ligcwalise isikhala esasisele. Lokhu kwaba nomthelela omkhulu kithi njengeSifundazwe.

Ngale kwalokhu, iMali yethu iyaqhubeka ukukhula **ngendlela ephilile**, kodwa kancane kakhulu ukunasesikhathini esedlule ngoba ukukhula eminyakeni emithathu kwaba ntekenteke nesikweletu sikahulumeni kumele simiswe endaweni eyamukelekile. Imali yethu yonke kwi-MTEF iyizigidigidi ezingama R96.9, izigidigidi eziyi R103.7, kanye nezigidigidi eziyi R106.5 onyakeni ongaphandle. Impela lezi izindaba ezinhle kakhulu zesifundazwe esiqhubekayo

<sup>7</sup> UMnyango wezeZimali eSifundazweni.

<sup>8</sup> STATS SA.

nokuthola ingxenye enkulu yesabelomali uma siqhathaniswa nezinye izifundazwe ngakhoke sisenemali eyanele yokuhlinzeka izidingo kubantu bethu. Kodwa sidinga ukusebenzisa imali yethu ngobuhlakani, sihlale sithole esikukhokhele ngemali esiyisebanzisile.

### **Okuhamba phambili esifundazweni**

**Kwi-MTEF yowezi 2014/15, cishe konke ukusebenza kwemali kukhokhelwa ngezimali zokubekwa kwezinto phambili yiminyango Kanye nokuhlonzwa kwezindlela zokonga.** Ukuqinisekisa ukusimama kanye nokugqugquzela ukukhula, kumele sigudluze umumo wokusebenzisa izimali **ezihambelana nokutshalwa kwezimali ezingeni elikhulu kungqalasizinda kude nokusebenzisa imali sakuyixhaphaza.** Ngaphezu kwalokho, senze okusemandleni **ukwehlisa ukusebenzisa imali ngokuyimoshha, nakuba sizokugcina kusezingeni elifanayo ukulethwa kwezidingo.**

## **D. UKUKHOKHELWA ISABELOZIMALI SE-MTEF YOWEZI 2014/15**

### **D.1 IMALI OKUNGEYETHU (esiziqoqele yona): Ukwabiwa kwezimali eyongeziwe IZIMALI OKUNGEZESIFUNDAZWE: INDABA ENHLE ESINGAYIXOXA**

**ISifundazwe siyakwazi ukwaba izimali ezongeziwe eminyangweni ngezimali Okungezaso eqoqwe yiminyango, kanjalo nokusebenzisa imithombo yezimali zesifundazwe ezihlala zitholakala ngenxa yesimo sezimali ezisalayo sowezi 2012/13 kanye nenqolobane eyokuxakeka yowezi 2013/14.** INdlu izokhumbula ukuthi sabeka eminye yale mithombo kuhulumeni kanye naseziNhlakeni zikahulumeni eKuGuqulweni kwemali eyayiqaguliwe kowezi 2013/14, kube kuvezwa ukuthi abanye bathola izimali ezimalini zeMTEF yowezi 2014/15. Lokhu kwengezwa ezisekelweni zeminyango kuyadingidwa lapha:

- **IHhovisi likaNdunankulu lithola isabelo esongeziwe sezigidi ezingama R56.928 kowezi 2014/15 MTEF.** Ezalokhu okulandelayo:
  - **Ingxenye yokulawulwa kokuphatha ngendlela ithola izigidi ezingama R38.869:** Le ngxenye yakhelwa ukuba igxilise iphinde igcine indlela ehlelekile yokuziphatha kanye nokuvimba ukukhwabanisa nenkohlakalo. Ezimalini ezihlinzekwe kulolu phiko kowezi 2013/14, izigidi ezi R5.700 zabekwa eceleni zangasetshenziswa zase zibuyiswa kowezi 2014/15. Ukongeza, izigidi ezingama R33.169 zongezelwe izindleko zokusebenza kowezi 2014/15 kuphela. Kusukela kowezi 2015/16, iHhovisi likaNdunankulu selivumile ukuhambisa kabusha izimali ezibekelwe lona ukuze kuthuthukiswe umtholampilo waseLuwamba ukuze kusebenze ingxenye yokulawulwa kokuphatha ngendlela. Izimali azisadingeki eLuwamba kuze kwedlule owezi 2014/15 kodwa kugcine kuyisisekelo seHhovisi likaNdunankulu.
  - **Izigidi ezi R5 kowezi 2014/15 zibekelwe ukuqinisa ezokuphepha (okwenyusa amaphoyisa abonakalayo eziteshini zokuvotela) kowezi 2014 okhethweni lukazwelonke mhla ziyisi 7 kuNhlaba kowezi 2014.**

- **UMkhandlu waMasonto uthola imali edluliswayo eyizigidi ezi R5 kowezi 2014/15 kanye nezigidi ezi R5 kowezi 2015/16: oHlelweni lukaSukuma Sakhe:** Lolu hlelo kuhloswe ngalo ukuqinisa ubudlelwane phakathi kukahulumeni kanye nabaholi bezenkolo ukuze kusheshe ukufinyelela ezinhlosweni ze-OSS eKZN. Amasonto azosiza uhulumeni ngokuba nomthelela empilweni yomphakathi waseKZN ngokulwisana nobubi obehlukene obukhona, njengodlame olubhekiswe kwabesimame kanye nezingane, ukusetshenziswa kwezidakamizwa, uphuzo oludakayo, ukukhulelwa kwentsha njll.
- **Amafa aKwaZulu-Natali athola izigidi ezi R3.059 kowezi 2014/15 kuphela:** Isikhungo sizosebenzisa izimali ukufaka isicelo sokuthola ukuhlonishwa eZingeni loMhlaba kwendawo **yaEmakhosini Valley**, ukuphucula izindawo zayo zokucwaninga kanye nokufundisa, ukuphucula izindawo ezehlukene ezingamagugu kanye nokuthenga amathuluzi okusebenza.
- **IsiShayamthetho sithola imali eyongeziwe eziyizigidi eziyi R19 kowezi-2014/15 yalokhu okulandelayo kuphela:**
  - **Ucwaningo lokubheka ubunjalo bendawo yeSishayamthetho - izigidi ezi R5 kowezi 2014/15 kuphela:** Lezi zimali kumele kwenziwe ngazo ucwaningo lokuhlola ukuthi lizokwakheka kanjani ibhilidi leSishayamthetho. Lokhu kwakukade kuhlelelwe owezi 2007/08 kodwa kwamiswa ngoba iSifundazwe sasisebenzise imali eningi esingenayo, nokwenza ukuba lolu cwano lungakwazi ukukhokheleka. Njengoba sekuvuselelwe uhlelo lokucwaninga ngendaba zamahhovisi kahulumeni, iSishayamthetho sacela izimali ukuvuselela ucwaningo lokuhlola olungoLweSishayamthetho ngqo.
  - **Umkhiqizo ophuculiwe we-Hansard - izigidi eziyi R14 kowezi 2014/15 kuphela:** ISiShayamthetho sinophiko olusebenza ngokugcwele lweHansard kanye nolokusebenza ngezilimi, kodwa ludinga uhlelo olusebenza ngesikhathi nangendlela oluyosetshenziselwa ukuqopha/ ukubhala okuqoshiwe kokwenzekayo kanye nezimpikiswano ezenzekayo endlini yesishayamthetho. Ukuze kuhlinzekwe izidingo ngesikhathi nangendlela kumaLungu, isikhathi esibekiwe sokukhiqiza samarekhodi aveza igama negama kumele sincishiswe sibe ngaphansi kwamahora angama 24. Izindleko zohlelo oseluphuculiwe ziyizigidi ezingama R21, kodwa iSiShayamthetho sesizibophezele ukukhokhela ingxenye engokuthathu kulokho okuyisisekelo.
- **Ezolimo, ezeMvelo kanye nokuThuthukiswa kweziNdawo zaseMakhaya zithola izigidi ezingama R70.498 kowezi 2014/15 kuphela ukwenza lokhu okulandelayo:**
  - **Ezemvelo KZN Wildlife - izigidi ezingama R39.512 kowezi 2014/15 zohlelo lokulungisa imigwaqo:** Lena akuyona imali etholakala okokuqala, ngoba lezi zimali zabekwa eceleni kwisabelozimali sowezi 2013/14 yabe isibuyiselwa kowezi 2014/15 ibe eyohlelo lokulungisa imigwaqo, njengoba kwakungeke kusebenziseke yonke imali onyakeni owawandulele.
  - **Ukuhlinzekwa kwemipheme yogandaganda boMnyango kanye namanye amathuluzi okulima ezifundeni - izigidi eziyisi R8.500 zowezi 2014/15 kuphela:** lesi samba sihlinzekela ukwakha imipheme ukuze kuvikelwe amathuluzi okulima esimweni sezulu ikakhulukazi ngesikhathi sokungalimi. Umnyango uhlela ukwakha umpheme owodwa esifundeni ngasinye kanti unemali eyanele kowezi-2013/14 ukwakha ayisihlanu. Lesisamba esibekiwe esokwakha imipheme ayisithupha kowezi-2014/15.

- **Ukushaywa kophawu emfuyweni (Radio Frequency Identification -RFID) -** izigidi eziyi R10.200 ezibekelwe owezi 2014/15 kuphela: ukushaywa kophawu emfuyweni kuseqhulwini eMnyangweni ngenxa yezinga eliphezulu lokwebiwa kwemfuyo. Imali ihlinzeka amashipi angama 150 000 eRFID angama 100 ayizikena kanye nasazibhamu ezizishintshayo ayi 108.
- **uMjindi - amathuluzi okuchelela ohlelweni lokuchelela lakwaMakhathini - izigidi eziyi R12.286 ezibekelwe owezi 2014/15 kuphela:** Lesi samba sibekelwe uMjindi siphinde sihlinzeke ukuthengwa kwamathuluzi okuchelela oHlelo lokuChelela kwaMakhathini kanti kufaka nekhala lokuchelela kanye nokumisa izicheleli phakathi kokunye.
- **Ezokuthuthukisa koMnotho kanye nezokuVakasha zithola izigidi eziyi R110.043 kowezi 2014/1** kulokhu okulandelayo:
  - **KZN Sharks Board - izigidi eziyisi R6 ngonyaka kowezi 2014/15 wezindleko zokusebenza e-KZN Maritime Centre of Excellence:** Lesi samba sizosiza ukusungulwa kanye nezindleko zokusebenza zakulesi sikhungo. Isikhungo sizobambisana nesase-Moses Kotane Institute esizoqeqeshwa othisha abangama 200 ukusungula izifundo zokuphila olwandle ezikoleni oHlelweni lokuThuthukisa oThisha Kwezokuphila olwandle. Liphinde lihlinzeke uhlelo olusezingeni eliphezulu lokulawula okuhlala olwandle emazingeni eziqo zesibili enyuvesi.
  - **Ukuhweba kanye nokutshala izimali KZN (TIK) - izigidi eziyisi R7 ngonyaka ngeSikhwama sokuSiza ezobuchwepheshe kanye nokukhangisa:** I-TAF isiza abagqogquzela izinhlelo ukuba bathole uxhaso lwezimali ezindlini ezinkulu zezimali njengasemabhange. Iphinde ihlinzeke ukweseka ngezobuchwepheshe kwabagqogquzela izinhlelo zemisebenzi emincane emikhakheni eyehlukene yomnotho. I-TIK iyi-ejenti yokuqwashisa ngamathuba okutshala izimali kanye nokuheha amabhizinisi ukuba eze eKZN ngemizamo yokukhangisa, okuholela ekwakhekeni kwamathuba amaningi ezinkampani zaseKZN.
  - **Abagunyazwe ukugada eziphathelene notshwala eSifundazweni - izigidi ezi R2 esibekelwe owezi 2014/15, isigidi esi R1.590 kowezi 2015/16 kanye nesigidi esi R1.685 kowezi 2016/17 ukuze kuthengwe uhlelo lobuxhakaxhaka bamakhompyutha:** Njengohlaka oluselusha kulandela ukushaywa koMthetho waseKZN wamaLayisense oTshwala wowezi 2011, lolu hlaka ludinga ukuba luhlinzekwe ngendlela yokugcina izinto ewugadingozi nokuqinisekisa ukuphinda kutholakale kwemininingwano uma kwenzeka kuba nenhlekelele. Izimali ziyophinda zisetshenziselwa ukuthuthukisa uHlaka lokuBuswa kwezamakhompyutha nokuyisidingo esibekwe wumthetho kuzo zonke izikhungo zikahulumeni.
  - **Abagunyazwe ukugada eziphathelene notshwala eSifundazweni-izigidi ezingama R25.768 kowezi 2014/15 kuphela obhekene nezindleko zokusebenza:** lezi zindleko ezibhekene nokusebenza zibekelwe owezi 2014/15, uma lolu hlaka luqala ukukhombisa imali ekhulile eqoqwayo kusukela ekuqaliseni ukusebenza koMthetho wokuChibiyela ukuKhishwa kwamaLayisense oTshwala, wowezi 2013 kowezi 2015/16, izingxenye zale mali izosetshenziselwa ukukhokhela izindleko zokusebenza kohlaka.
  - **I-IDZ yaseRichards Bay - izigidi ezingama R40 zowezi 2015/16 zentuthuko yengqalasizinda ngokuhambisana noHlelo oLukhulu lweminyaka engama 50:** Lezi zimali zizosetshenziselwa ukuhlinzeka ingqalasizinda yezobunjiniyela edingekayo ukwenza uhlaka lujwayeleke kubatshalizimali. Lokhu kufaka nokuqalisa ukusebenza

okufakwa kancane kancane kwengqalasizinda yobunjiniyela bezinsimbi nobukagesi kanye nokunwetshwa kwe-IDZ nomhlaba phakathi kokunye.

- **EzeMfundo** zithola **izigidi ezingama R50, izigidi ezingama R60 kanye nezigidi ezingama R65 kowezi 2014/15** kulokhu okulandelayo:
  - Lezi zimali zongezwa engodleni eyongezelwe uMnyango ivela eSifundazweni ukusiza izingcindezi zokusebenza koMnyango.
- **UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni** uthola izimali **zokwenza amaphrojekthi amaningi ehluahlukene, izigidi ezingama R213.058 kowezi 2014/15, izigidi ezi R123.035 kowezi 2015/16 kanye nezigidi ezingama R90.325 kowezi 2016/17:**
  - **Ukubekwa eceleni kwamaphrojekthi athile kowezi-2013/14 bese abelwa kabusha kowezi 2014/15 (izigidi ezingama R57.553).** Lezi zimali zimayelana namaphrojekthi ehluahlukene **UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni** obambe iqhaza kuwo, njengethuluzi lokuThenga ku-inthanethi, ukulawula izivumelwano, Uhlelo lokufuna umbiko wokuhlolwa kwamabhuku ezimali ongenasici, phakathi kokunye, lapho izimali zingeke zisetshenziswe zonke kowezi 2013/14, kodwa kudingeka ukuze kuqhubeka ukuqalisa ukusebenza kwala maphrojekthi kowezi 2014/15.
  - **Amaphrojekthi okuThuthukisa iNdawo yasemakhaya (izigidi ezingama R50).** Ngesikhathi imali izoqala yabelwe **UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni**, ayizusetshenziswa **UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni** kodwa izonikwa eminye iminyango uma befaka izicelo baphinde balethe izizathu zamaphrojekthi okuthuthukisa izindawo zasemakhaya. Lezi zimali zizophathwa ngendlela ethi ayifane nezimali zemizamo engamaSu eKhabhinethi ekade ibekwe eceleni **UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni** iye kweminye iMinyango uma imigomo ethile kanye nezinqubo sezilandeliwe.
  - **Intuthuko ehlobene nogesi waseMsunduzi (izigidi ezingama R5.500).** Lezi zimali zihlinzeka ukweseka ngokwezimali uMasipala waseMsunduzi mayelana nokufakwa kukagesi emijondolo ukuze kuzovinjwa ukuzixhumela ugesi ngokungekho emthethweni.
  - **IThimba elibhekele iNgqalasizinda (izigidi eziyi R10).** Le mali ivumela ithimba iliqondisa izigwegwe lenqalasizinda ukuba liqhubeka nomsebenzi wokweseka uMnyango kanye noMasipala ngokwemigomo yokuhlela, ukwenza umsebenzi kanye nokugada amaphrojekthi engqalasizinda ukuqinisekisa ukusetshenziswa kwama 100% kuCAPEX.
  - **Izimali ezisetshenziswe ngendlela okungeyiyo (izigidi ezi R3.500).** Le phrojekthi ihlinzeka ukuhluzisa okujulile kanye nokugada ukusetshenziswa kwezimali ngendlela engeyiyo yiMinyango kanye nezimbangela zalokho. Izifundo kulokhu ziyosiza ekuvimbeleni lokhu esikhathini esizayo.
  - **Infrastructure Development Improvement Programme (IDIP) Technical Assistants (TAs) (R8 million per year over the MTEF).** Lezi zimali zihlinzekela ukuqhubeka kwe-IDIP TAs abakade besiza ngokulethwa kwengqalasizinda eMnyangweni wezeMpilo, ezeMfundo kanye nemisebenzi yoMphakathi. Ngokwemigomo yesivumelwano, lezi zimali zakhokhwa wuMnyango wezezimali kuzwelonke kwaze kwaba owezi 2013/14, kodwa-ke izindleko zalaba basizi bezobuchwepheshe manje sekumele zithwalwe yiSifundazwe.



- **UHlelo luka Khokha ngesikhathi (izigidi ezi R3.500 ngonyaka onyakeni wezimali).** Lokhu kihlinzekelwe ukuba kubekwe endaweni izinhlelo zokuqinisekisa ukuthi abahlinzeki bemisebenzi kanye nomasipala bakhokhelwa ngesikhathi yiminyango kahulumeni. Ihhovisi likaMengameli nalo selikhiphe umyalelo eliwubhekise eMnyangweni wezeZimali kuZwelonke ukuba usebenzisane nezifundazwe ukuqinisekisa ukuthi zonke izimali okumele zikhokhwe zikhokhwa ezinsukwini ezingama 30 ezibalulwe kwi-PFMA.
- **Education capped leave (izigidi ezi R5).** Lezi zimali zizosiza umnyango wezeMfundo ukuba ufake kwikhompyutha onke mafomu elivu asilele emuva bese kucutshungulwa onke amafayela amalivu abantu. UMnyango wezeMfundo uthole umbiko ongemuhle wokucutshungulwa kwamabhuku iminyaka emibili ilandelana kanti **UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni** uzama ukusiza ukuba umbiko olandelayo ungabi mubi.
- **Uhlelo Operation Clean Audit - Ukulawulwa kweZimali (izigidi eziyi R10 kowezi 2014/15, izigidi ezi R5 kowezi 2015/16 kanye nezigidi ezi R5 kowezi 2016/17).** Lezi zimali zihlinzekelwe ukusiza iMinyango noMasipala ukuqhamuka nezinhlelo nezinqubo ukuze kutholakale imibiko emihle.
- **Usizo lwe-AFS komasipala (izigidi ezi R5).** Lezi zimali zihlinzekelwe ukusiza omasipala ngokubuyekeza iZitatimende zeZimali zoNyaka ngamunye. Inhloso yalokhu wukubeka eceleni isidingo sokuguqula ezezimali ngesikhathi sokuhlolwa kwamabhuku ezimali njengoba lokhu kuba nemiphumela emibi uma sekuhlolwa amabhuku.
- **Provincial e-Procurement Tool (izigidi ezi R4.500 kowezi 2014/15, izigidi eziyi R13 kowezi 2015/16 kanye nezigidi ezi R3.500 kowezi 2016/17).** Kwaba nokulibaziseka ekuthengeni amathuluzi kagesi, kodwa njengamanje ukhona osethole ithenda. Lezi zimali zibe sezihlinzekela ukuqalisa ukusebenza kwaleli thuluzi kuyo yonke iminyango okuyinto ebalulekile ukunciphisa izindleko zokuletha izidingo ukuze kuthuthukiswe indlela yokuthenga bese kuqedwe ukumosha yemali kahulumeni. Lokhu kuyimpendulo yokuphucula izinhlelo zokuthenga kanye nokuvimba ukuvuza kanye nokumosha.
- **Ukuhlolwa kwamabhuku ezimali okukhethekile (izigidi eziyi R8 kowezi 2015/16 kuphela).** Lezi zimali ziyosetshenziselwa izinto ezithile ezidinga ukuhlolwa eminyangweni eyehlukene ngokwezicelo ezitholakele zivela kuyona. Lezi zinto aziyona ingxenye yohlelo lokuhlola amabhuku lomnyango wezeZimali kodwa ziba khona ngesikhathi iMinyango ihlangabezana nezinsalelo ekusebenzeni kwayo.
- **Uphenyo olunzulo (lweforenzikh) (izigidi eziyi R8 kowezi 2015/16 kuphela).** Lezi zimali zihlinzekelwe uphenyo olunzulo eMnyangweni kahulumeni nakoMasipala uma kuba nesidingo njengengxenye yokulwisana nokukhwabanisa nenkohlakalo.
- **Ukulawulwa kwezivumelwano ze-SCM (izigidi ezi R7 kowezi 2016/17 kuphela).** Le phrojekthi ibhekene nokulawulwa kwazo zonke izivumelwano okungene kuzo iMinyango kahulumeni noMasipala. Lezi zimali zizosetshenziselwa ukuqalisa ukusebenza umzamo owaqala eminyakeni emibili eyedlule eMnyangweni emine, kwaya kuyo yonke eminye iMinyango kahulumeni kanjalo nakoMasipala.



- **Indawo enakho konke yaseShayamoya, indawo eveza amasiko kanye nepaki yomphakathi (izigidi ezi R2.062 ezidlulele kowezi 2015/16).** Lena yindawo eveza amasiko enepaki yomphakathi eseKokstad, okuhloswe ngayo ukwenza indawo yase-East Griqualand ithandeki kubavakashi. **Izimali zadluliselwa zisuka kowezi 2012/13 njengoba kwaba nokulibaziseka ohlelweni lwe-EIA (Ukuhlolwa koMthelela eNdaweni ethile).** Iphrojekthi yaphinda yaphazanyiswa wukwedluliselwa kwezicelo zamathenda. Lokhu sekuxazululekile njengamanje kanti nomakhi usesesizeni.
- **Ukuthuthukiswa kwepaki yezimboni encane eBhongweni (izigidi eziyisi R8 ezakhishwa kowezi 2015/16).** Le phrojekthi izosungula ingqalasizinda kanye nezinhlelo zezikhungo endaweni yezimboni encane ezosetshenzwa **njengomfukameli wamabhizinisi amancane, iqeqeshe, ikhulise iphinde yelekelele ukuthuthukiswa kwama-athizeni anamakhono.** Lezi zimali azisetshenziswanga ngokuphelele kowezi 2012/13 ngakho-ke zizobuyele zabelwe uMnyango kowezi 2015/16 ukuze kuqhutshekwe nale phrojekthi.
- **Ukulungiswa kwephansi lesibhedlela Inkosi Albert Luthuli Central Hospital (izigidi ezi R4, izigidi eziyisi R8 kanye nezigidi eziyisi R6 onyakeni wezimali wowezi 2014/15).** Iphansi kwezinye izindawo esibhedlela lalingekho ezingeni elamukelekile nokwadala ukuba lilimale kodwa njengamanje seliyalungiswa. Uphiko lwe-PPP **eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni** uyasiza kulolu hlelo ngoba isabelozimali salolu hlobo sikuwona. IThimba eleNgamele iNgqalasizinda liyasetsenziswa ukusiza kulokhu kulungisa.
- **ISikhwama seMizamo enamaSu yeKhabhinethi (izigidi ezingama R46.505 kowezi 2014/15, izigidi ezingama R59.473 kowezi 2015/16 kanye nezigidi ezingama R57.325 kowezi 2016/17).** Esikhathini esedlule lezi zimali zahlinzekwa ziyizigidi ezingama R40 ngonyaka, zikwazi ukukhula phakathi nonyaka zingaze zifike ezigidini eziyi R100 ngesikhathi sokuGuqulwa kweSabelozimali ukuze kukhokhelwe imicimbi eminingi emikhulu ezohela abavakashi beze eKZN nokuzosiza ukukhulisa umnotho wesifundazwe. Izibonelo zamaphrojekthi noma imicimbi ekhokhelwe yi 2013 AFCON, umncintiswano wamakhwaya i-National Choral Music Awards, phakathi kokunye. Ngenxa yokufuneka kwalezi zimali, kwavunyelwana ukuba kubekwe imali esambeni esiyizigidi eziyi R100 ngonyaka. Njengoba kwakuvele sekunezimli eziyisisekelo, izamba ezishiwo ngenhla ziyasenyusa isabelozimali esikhona sibe yizigidi eziyiR100 ngonyaka. Lezi zimali ziyokwabelwa umnyango kuphela uma iKhabhinethi ivuma ukukhokhela umcimbi emva kokuthola isincomo esivela eKomidini elincane leMicimbi eKhethekile.
- **Ezempilo zithola izigidi ezingama R46.777 kowezi 2014/15, izinkulungwane ezingama R880 000 kowezi 2015/16 kanye nezi R670 000 kowezi 2016/17 zokukhokhela izibhedlela saseMcCord kanye nezindleko zokusebenza zasesibhedlela i-St. Mary's:**
  - Isamba esiyizigidi eziyi R15.870 sase**McCord** sihlobene nokuthi isibhedlela singene ngaphansi kukahulumeni nazo zonke izimpahla zaso kanye nezikweletu. Lesi samba esibekelwe sona esonyaka wonke wezimali, ukuhlinzekela abakweletwa yisibhedlela, ukukhokhela intela yeVAT ngesikhathi singeniswa ngaphansi kukahulumeni ekhokhelwa izimpahla ezibambekayo kanjalo nezindleko zaso zokusebenza. Ukulandela imigomo kaSARS, intela yeVAT ikhokhwa ngesikhathi izimpahla zithathwa ngaphansi kweNhlango eNgatholi Nzuzo.

- Isamba sezigidi ezingama R30.907 ezihlinzekelwe isibhedlela i**St. Mary's Hospital** zenzelwe ukuthola abakweletwayo, ukulinganisa imiholo yabasebenzi bakulesi sibhedlela neyalabo abasebenza kuhulumeni (ngokwemigomo yesivumelwano, kumele bathole unyuko olulinganayo nalabo abasebenzela uhulumeni), kanjalo nezindleko zokusebenza kwesibhedlela.
- **Ezokuphepha koMphakathi kanye nokuXhumana** zithole izigidi eziyisi **R7.723 kowezi 2016/17** kuphela. Lokhu kuhambisana nesivumelwano okufinyelelwe kuso phakathi kukaNgqongqoshe wezeZimali kanye noNgqongqoshe wezokuPhepha koMphakathi nokuXhumana ukuthi yonke imali engasetshenziswanga ukuNxephezela abasebenzi izokwedluliselwa emnyangweni **ukuqalisa ukusebenza kohlaka olusha okubukela eMthethweni wokuXhumana kwabantu naMaphoyisa.**
- **UMnyango wezokuBusa ngokuBambisana kanyeneziNdaba zeNdabuko uthola izigidi ezingama R38.250 kowezi 2014/15 zalokhu okulandelayo kuphela:**
  - Kulesi samba, izigidi eziyi R18.850 zimayelana nokubekwa kwezimali ezazabelwe owezi 2013/14, njengoba lesi samba sesinikwe i-COGTA ukuze siyiswe kwi-Agri-business Development Agency (ADA) kowezi 2014/15 ukuze iqalise ukusebenza uhlelo olwaziwa ngo-**Uthukela Amakhosi Programme** kanye nomfelandawonye obizwa ngo-Msinga Asisukume ngenxa yokulitshaziswa yimithamo komasipala. Uthukela selubeke eceleni ama 674ha omhlaba ngaphansi kweMikhandlu yeNdabuko eyisi 8, kanye naseMsinga kunamahektha angama 200 omhlaba ekhiqiza umbila. UMnyango usukhulumisene nenkampani yakwa-SABMiller Brewing Co. ukuthenga wonke umbila okhiqiziwe. I-ADA izoba nesibopho sokuhlinzeka ukuphuculwa kwengqalasizinda. Izimali azikwazanga ukusetshenziswa kowezi 2013/14 njengoba la maphrojekthi afika edlule ngakho-ke sase sedlulile isikhathi sokulungisa umhlaba ukuze kutshalwe ngaphambi kokuphela konyaka wezimali. Iphrojekthi izobe isiqala ukusebenza kowezi- 2014/15
  - Imali esilele eyizigidi eziyi R19.400 emayelana **nokwaxhuma kweSikhungo seMisebenzi yoMphakathi eBulwer, kanye nokulungiswa kabusha kwalezi zikhungo eJozini, eBaqulusini kanye naseMlalazi.**
- **EzokuThutha zithola izigidi ezingama R60 ngonyaka kowezi 2014/15** osiza umnyango ngezingcindezi zokusebenzisa imali obhekene **nokugcina imigwaqo isesimweni kanye namaphrojekthi okwakha.**
- **EzokuThuthukiswa koMphakathi zithola izigidi ezingama R31 kowezi 2014/15** kuphela, ukubekwa eceleni kwezimali ezimayelana nemodeli yohlelo okuthiwa **Isibindi kowezi 2013/14** njengoMnyango kuvelile ukuthi lezi zimali ziyosetshenziswa kuphela kowezi 2014/15, ngokuhambisana nohlelo oluvunyiwe lokuqalisa ukusebenza.
- **Ezemisebenzi yoMphakathi zithola izigidi ezengeziwe ezingama R652.500 kowezi 2014/15,** ngale ndlela:
  - Izigidi ezingama R600 kowezi 2016/17 esigabeni sokuqala sokwakha **seNdawo yamaHhovisi kaHulumeni,** uma izinhlelo ezifanele zama-PPP seziphothuliwe inqobo nje uma iKhabhinethi ivuma.
  - Izigidi eziyisi R7.500 zongeziwe **oHlakeni lweNtsha kuZwelonke.** Inhloso yalolu hlelo wukuthuthukisa amakhona kanye nolwazi kubantu abasha ukuze basizwe bathole imisebenzi. Izinhloso zalolu Hlaka wukugqugquzela ukuhlalisana kahle komphakathi kanye nokuthuthukisa amakhono, ulwazi kanye nokukwazi kwabantu abasha ukuba baphucule ukuqasheka kwabo.

- Izigidi ezingama R20 **zoHlelo lokuthuthukisa uMphakathi waseRichmond**. Lesi sabelo sihlizeka ukuthuthwa kwendle emizini kanjalo nokuqashwa okususelwa emigomweni ye-EPWP. Kunokungaqasheki okukhulu kule ndawo kanti lolu hlelo luphinde luhlinzeke amathuba emisebenzi, kanjalo nokuqeqesha ezindaweni ezehlukene njengokubhekwa kwendawo yokusebenzela (ukukhishwa kwezimila ezingezona ezakuleyo ndawo), ukwakha izindlu nezinye izakhiwo phakathi kokunye. Inhloso wukuba ababamba iqhaza bakwazi ukuzimela nokuzosiza ukunciphisa ukungasebenzi kanye nokuhlupheka okukhulu okukhungethe le ndawo.
- Izigidi ezingama R25 zibekelwe ukuba zedluliselwe kowezi 2012/13 kuya kowezi 2014/15 eziqondene nendlela **yokuLawula iZimpahla ezingaQukuleki**. Lokhu kuyosetshenziswa ukuthenga kanye nokuthuthukisa indlela yokulawula iZimpahla ezingaQukuleki lapho isigaba sokuqala sifaka ukufakwa kwendlela entsha yokusebenza. Isigaba sesibili sifaka ukususa idatha kwenye indawo iyiswe kwenye, izindlela zokulawula ikhwalithi, izindlela zokugcina indawo isesimweni nokunye ukuphucula nokwenza ngcono uhlelo oluhlobene nezokusebenza kwamakhompyutha.
- **EzoBuciko naMasiko zithola izigidi ezongeziwe ezingama R59.056 kowezi 2014/15:**
  - Izigidi eziyisi R7.011 ezinikwe i-**The Playhouse Company** (izigidi ezi R2.302 kowezi 2014/15, izigidi ezi R2.302 kowezi 2015/16 kanye nezigidi ezi R2.407 kowezi 2016/17) kanye nezigidi eziyisi R9.545 esizonikwa i-**KZN Philharmonic Orchestra** (izigidi ezi R3.162 kowezi 2014/15, izigidi ezi R3.162 kowezi 2015/16 kanye nezigidi ezi R3.263 kowezi 2016/17). Izimali ezibekelwe lezi zinkampani zehliswe kakhulu lokhu kulandela idatha yokuBalwa kwaBantu kowezi 2011 okwaba nomthelela eSifundazweni. Lokhu kuncishiswa kwasikaza ngejozi ubukhona balezi zikhungo. Ngakho-ke kwavunyelwana ukuba kubuyiselwe izimali ezingeni ezazikulo ngaphambi kokuba zincishiswe.
  - EzoBuciko naMasiko ziphinde zithole izigidi ezingama R42.500 ezabiwa kowezi 2015/16 zokwakhiwa **kweSikhungo sezoBuciko naMasiko**. Lezi zimali ziyosetshenziselwa ukusungula isikole esihlinzeka imfundo emikhakheni yezokudweba nokupenda, ukulingisa kanye nokwakha ngezandla. ISikhungo siyofaka isandla embonini yamaciko bese kwenzelwa ukulekelela imikhiqizo yasekhaya, kuphinde kuthuthukiswe ukwenza kanye nokusebenza ngobuchwepheshe kwabafundi. UMnyango ubona ukuthi ukubambisana phakathi koMnyango weMfundo eyiSisekelo kanye noMnyango weMfundo yamaBanga aPhezulu ukufaka indawo enkulu yobuciko nokusebenza ngezandla, okufaka ukubumba, ukuba wungoti wezamaxompyutha kanye nokuthunga izingubo.
- **Ezemidlalo nokuNgcebeleka zithola izigidi ezingama R52.975 ezongeziwe kowezi 2014/15 ukwenza lokhu okulandelayo:**
  - Izigidi eziyi R19.975 kowezi 2014/15 kuphela **eziNhlelweni zokuNgenelela kuBoniswane**, njengokwakhiwa kwamajimu angaphandle okuzivocavoca (amapaki), izinkundla ibhola (ezintathu kwiWadi ngayinye) kanye nokwakha imisebenzi yezinkontileka ukuze kuthuthukiswe amakilabhu iSiyadlala, imidlalo yezikole kanye nezindawo zokubonisana ezizoba yizizinda zabadidiyeli kanye nabaqeqeshi bemidlalo eyehlukene.
  - Izigidi ezingama R30 kowezi 2014/15 kuphela ezibekelwe iSikhungo sokuThuthukisa ezeMidlalo esaziwa ngele-**Hoy Park Sports Development Centre**. Lezi zimali zizokwedluliselwa kuMasipala omkhulukazi waseThekwini ukuze kwakhiwe isikhungo sokuthuthukisa imidlalo yamazwe omhlaba esizoba nesikhungo sebhola lezinyawo eHoy Park eThekwini.

- Isigidi esi R1 siyongezwa njalo ngonyaka wezimali ukuze sedluliselwe eSikhungweni esaziwa ngelo **Mgungundlovu Sports Academy** ukuze sihlizeka ukuqeqesha, ukulolonga umzimba, nezindlela zokuncintisana ngezemidlalo ezikoleni nasezikhungweni zemfundo ephakeme senzela umnyango.

## D.2 UKUSUSWA KWEMISEBENZI KWEMINYE IMINYANGO IYISWE KWEMINYE

### Imisebenzi eminingana iyashintshashintsha isuswe kweminye iminyango iyiswe kweminye kowezi 2014/15:

- Njengoba ngasho enkulumeni yokuGuqula iSabelozimali kowezi 2013/14 **ingxenye yesabelozimali sozokuXhumana sesibekwe endaweni eyodwa eHhovisi likaNdunankulu**. Kulokhu, izigidi ezingama R35.593, izigidi ezingama R37.144 kanye nezigidi ezingama R38.862 esisuswe onyakeni wezimali kweminye iMinyango sayiswa eHhovisi likaNdunankulu.
  - Indawo yokukhangisa oshicilelweni oluthile izothengwa endaweni eyodwa.
  - Ukunciphisa indawo ethengiwe oshicilelweni lukazwelonke ikakhulukazi leyo yokukhangisa izikhala zemisebenzi, ngokubalula izikhala ezinganamuntu bese abafakizicelo beyalelwa ukuba baye kumawebhusaythi athile ukunokuba kufakwe isikhangiso esiphelele kulolo shicilelo.
  - IHhovisi likaNdunankulu lizongamela ukuthenga ngomthamo indawo yokufaka izikhangiso ezishicilelwayo, kanjalo nezikhala zeminyango emsakazweni nakumabonakude.

Ukusetshenziswa wuMnyango kwezindlela ezehlukene zokuxhumana kwabezindaba kuzoqashwa yiHhovisi likaNdunankulu ukuze kuqinisekise ukuthi imigomo ebekiwe iyalandelwa.

- **Isabelozimali semifundaze yangaphandle ekhishwa wuhulumeni wesifundazwe naso sizoba seHhovisi likaNdunankulu**, ngokuhambisana nalokhu, izigidi eziyi R13.227, izigidi eziyi R13.736 kanye nezigidi eziyi R14.390 zesabelozimali sakulowo nyaka zizosuswa eminyangweni eminingi ziye eHhovisi likaNdunankulu.
- Uhlelo lokususa ukusebenza **kwezithuthi zabafundi** zisuka emnyangweni wezeMfundo ziya emnyangweni wezokuThutha kwaqala eminyakeni embalwa edlule. Isabelozimali sowezi 2014/15 sihlizekela ukuthuthwa kokugcina kwezimali phakathi kwale Minyango, izigidi ezingama R37 ezathuthwa kowezi 2014/15, izigidi ezingama R38.500 kowezi-2015/16 kanye nezigidi ezingama R42.200 kowezi 2016/17. Lokhu kukhishwa kwezimali okongeziwe, kanjalo naleyo esithuthelwe emnyangweni wezokuThutha phambilini, kuvumela izinhlelo zokufunda ngezokuthutha kwabafundi ukuba kuhlinzeka ezikoleni ezingama 260 okukhipha isamba sabafundi abayizi 24 000 ngonyaka.
- Ukuhanjiswa kwe-**ADA** isuswe ekuThuthukisweni emnyangweni kwezoMnotho nokuVakasha iyiswe kwezoLimo, iziNdaba zendawo kanye nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemakhaya lwaqalisa ukusebenza kowezi 2013/14 ngeSabelozimali esisikazayo. Isabelozimali sowezi 2014/15 manje sesihlizeka ukuba kuqhutshekwe nalokhu kusebenza.

### D.3 Okuhamba phambili kuzwelonke: IMALI ESANDA KUKHISHWA WUMNYANGO WEZOKUGCINWA KWAMAFU KUZWELONKE

Isabelozimali sowezi 2014 songeza izigidigidi eziyi R12 emalini eyabiwa ngokulingana yesifundazwe. Kulena izigidigidi eziyi R11.7 ukuze kuguqulwe izimo zokusebenza ukuze kweduliswe izindleko ezibe ngaphezulu kwalokho obekulindelwe ngokuhambisana nokwehla nokwenyuka kwamandla emali esabelweni sezemisebenzi bese kulungiswa kabusha izikhundla zomabhalane.

Okuvezwe **eThebuleni 1** ngezansi, kuyisongezo esifakwe esabelweni seSifundazwe sowezi 2014/15 ukuhlizekela lokho okuhamba phambili kwinqubomgomo kazwelonke, kanjalo nomthelela wokuphucula idatha esetshenziselwa ukuxuba ifomula yokwabelana. Lokhu kufaka olunye ulwazi kuholela ekuncishisweni kowezi 2014/15, njengoba kuvuzwe ku**Layini 1** wethebula, kanti ihlizekela ukwenyuka emva kwalokho. **UMnyango wezokuGcinwa kwaMafu** kuZwelonke usuxwayise ukuthi imali esenqolobaneni ekhishelwe ukusiza izifundazwe kowezi 2013/14 ngesikhathi idatha yokubalwa kwabantu iba nomthelela omkhulu ongemuhle izophela kowezi 2016/17. Lokhu kuncipha akufakiwe ezinombolweni zesifundazwe okwamanje, kodwa kuyoba nomphumela endaweni eyingcuphe yezezintela zikahulumeni uma sekwenzeka. Ngizochaza ngesu leSifundazwe ngale ndawo yezezintela zikahulumeni.

**Table 1 PES Updates and Provision for National Priorities**

(in Rands thousands)	2014/15	2015/16	2016/17
<b>1. Amendments to baseline due to impact of new data updates in the PES formula</b>	<b>(220 157)</b>	<b>323 962</b>	<b>96 102</b>
<b>2. Policy Priorities funded through the Equitable Share</b>	<b>545 767</b>	<b>913 518</b>	<b>1 097 464</b>
<b>3. Compensation of employees</b>	<b>535 040</b>	<b>902 822</b>	<b>1 044 138</b>
Carry-through of various wage agreements (all sectors)	366 479	709 950	823 040
Re-grading of clerks	168 561	192 872	205 740
OSD for therapists (Education)	-	-	15 358
<b>4. Non-personnel Policy Priorities funded through the ES</b>	<b>10 727</b>	<b>10 696</b>	<b>53 326</b>
Health			
Roll-out of HPV vaccine	-	-	42 661
Social Development			
Provision of shelters to victims of gender-based violence	10 727	10 696	10 665
<b>TOTAL</b>	<b>325 610</b>	<b>1 237 480</b>	<b>1 193 566</b>

Njengoba kubonakala ku**Layini 2**, iSifundazwe sithola izigidi ezingama R545.767 kowezi 2014/15 ezizokhula zibe isigidigidi esi R1.097 onyakeni wezimali wowezi 2014/15 ezibekelwe **okuhamba phambili kwenqubomgomo eyehlukene**. Kulesi samba, u**Layini 3** ukhombisa izigidi ezingama R535.040 ezibekelwe owezi 2014/15 **okuzoba yisinxephezelo kokuhamba phambili kubasebenzi**. Lesi samba siyakhula size sibe yisigidigidi esi R1.044 kowezi 2016/17. Njengoba kubonakala kunemali ewumthamo enikezwe iSifundazwe abezentela kahulumeni kuzwelonke engeyokuzinikela ezindaweni **ezihlobene nokusebenza**, Lesi samba sihlizekela lokhu:

- **Izindleko ezidlulayo zezivumelwano ngokwamaholo:** Lesi samba sabiwa ngokulinganayo ngokwemigomo yokusetshenziswa kwezimali yiyo yonke iminyango, okuba yisamba esiyizigidi ezingama R366.479 kowezi 2014/15, okwenyuka kuze kube sezigidini ezingama R823.040 kowezi 2016/17.



- **Ukufakwa kabusha ezikhundleni komabhalane:** ISifundazwe sithola izigidid eziyi R168.561, izigidi eziyi R192.872 kanye nezigidi ezingama R205.740 kowezi-2014/15 ukuze kufakwe kabusha ezikhundleni kwabasebenza njengomabhalane (abasukela eZingeni 4 kuya ku 5). Lokhu kwaqala kwakhokhelwa **UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa** kuZwelonke kowezi 2013/14 eSabelweni zimali esiguquliwe kanti njengamanje sihlinzeka izimali ezidlulayo mayelana nalokhu. Lezi zimali zabelwe uMnyango wezeMfundo kanye nowezeMpilo njengoba kuyiyona eyayithinteka kakhulu kulesi sinqumo senqubomgomo, ngezimali ezincane ezihlinzekelwa uMnyango wezokuThutha kanye nowezindaba zaseNdlunkulu.
- **I-OSD yabelaphi ngokomqondo (EzeMfundo):** Ezemfundo zithola izigidi eziyi R15.358 ze-OSD yabelaphi ngokomqondo. Ngesikhathi ingekho imali ebekelwe owezi 2014/15 kanye nowezi 2015/16 kulesi sethulo, lezi zimali zibekelwe iSifundazwe njengesibonelelo esinemibandela kule minyaka emibili ezodingidwa ngokuphelele ngezansi.
- **ULayini 4 ukhombisa okuhamba phambili okuyiNqubomgmo yokwaBelana ekhokhelwa ngamaSheya okuhlukaniselwana wona.**
  - **Ezempilo zithola izigidi ezingama R42.661 kowezi 2016/17** ukuze kuqalise ukusebenza umjovo owaziwa ngele-**Human Papillomavirus (HPV) vaccine**. Lo mjovo uvikela umdlavuzwa wesibelethe kwabesifazane. Umjovo kuzojovwa ngawo izingane zamantombazane ezineminyaka eyisi 9 - 10 ezisezikoleni ezingamaKhwintili 1 - 4 kusukela kowezi 2014/15 kanti iyokwethulwa ngoHlelo lwezeMpilo ezikoleni oludidiyelwe. Ukukhokhelwa kokuqalisa ukusebenza komjovo kubiza izigidi ezingama-R200 kowezi-2014/15 kanye nezigidi ezingama R200 kowezi 2015/16 ziyonikwa uMnyango wezeMpilo kuzwelonke njengesibonelelo esiseceleni. Izigidi ezingama R200 zongezwa esabelweni sesifundazwe okungabelwana ngaso sowezi 2016/17 (lapho iSifundazwe sithola izigidi ezingama R42.661) ngesikhathi uhlelo ludidiyelwa ebhizinisini elejwayelekile lweminyango yezempilo ezifundazweni.
  - **EzokuThuthukiswa koMphakathi zithola izigidi eziyi R10.727, izigidi eziyi R10.696 kanye nezigidi eziyi R10.665** kowezi 2014/15 ukuze **kuhlinzekwe imipheme yokukhosela kulabo abayizisulu zodlame longokobulili**. Izimali zabiwa njengemali edluliselwa kuma-NPO okuyiwona abheke imipheme yokukhosela abayizisulu zokuhlukunyezwa ngodlame lobulili kanye nezingane zabo. Isabelo senyuswe ngama 35% ngokwalabo abadinga imibhede kusuka kweyi 1 583 kuya kweyi 2 137 njengamanje. Lokhu kwenziwa ngokwengezwa kokwedluliselwa kwemali kuma-NPO ukuze abheke imipheme bese kukhokhwa ngokwedluliselwa kwemali kuma-NPO okungeke kwehliswe ngoba kunesabelo esengeziwe kubona njengoba kuvele kwenzelwa ukuba kulekelele ukuhlinzekwa kwemipheme yokukhosela.

## E. ISIMO SEZIMALI SOWEZI 2014/15

### Isimo sezimali saKwaZulu-Natal sibheka lokhu:

- Ushintsho esabelweni okungehlukiselwana sona seSifundazwe,
- Okwengeziwe ngokwemigomo yokukhokha okuhamba phambili kuzwelonke,
- Ushintsho ezibonelelweni ezinemibandela (okuchazwa kabanzi ngasekugcineni kwale ncwadi),
- Kanjalo nokuhamba phambili okukhokhelwe kusetshenziswa imithombo yezimali yesifundazwe (njengomumo wezezimali ezisalayo zowezi 2013/14).

Lesisimo sezezimali asikakabheki ukwehliswa kowezi 2016/17 okuzoba nomthelela esifundazweni uma imali evela enqolobaneni isiphelile, kodwa ngizokwenaba kabanzu ngalokhu ngasekugcineni. Isimo sezimali sivezwe ngezansi:

**Table 2: Summary of provincial fiscal framework**

R thousand	2014/15	2015/16	2016/17
<b>1. Receipts</b>			
<b>Baseline Allocation</b>	<b>94,390,963</b>	<b>100,547,547</b>	<b>105,259,161</b>
Transfer receipts from national	91,771,145	97,769,815	102,353,653
<i>Equitable share</i>	<i>77,812,867</i>	<i>82,110,075</i>	<i>86,693,913</i>
<i>Conditional grants</i>	<i>13,958,278</i>	<i>15,659,740</i>	<i>15,659,740</i>
Provincial own receipts	2,619,818	2,777,732	2,905,508
<b>Increase / (Decrease) in allocation</b>	<b>2,472,606</b>	<b>3,117,979</b>	<b>1,215,674</b>
Transfer receipts from national	2,308,780	2,901,432	932,398
<i>Equitable share</i>	<i>325,610</i>	<i>1,237,479</i>	<i>1,193,566</i>
<i>Conditional grants</i>	<i>1,983,170</i>	<i>1,663,953</i>	<i>(261,168)</i>
Provincial own receipts	163,826	216,547	283,276
<b>Revised allocation</b>	<b>96,863,569</b>	<b>103,665,526</b>	<b>106,474,835</b>
Transfer receipts from national	94,079,925	100,671,247	103,286,051
<i>Equitable share (after update of formula data &amp; new money)</i>	<i>78,138,477</i>	<i>83,347,554</i>	<i>87,887,479</i>
<i>Conditional grants</i>	<i>15,941,448</i>	<i>17,323,693</i>	<i>15,398,572</i>
Provincial own receipts	2,783,644	2,994,279	3,188,784
<b>2. Planned spending by departments</b>	<b>96,718,134</b>	<b>102,508,629</b>	<b>105,702,539</b>
<b>3. Contingency Reserve</b>	<b>145,435</b>	<b>1,156,897</b>	<b>772,296</b>
<b>4. Provincial cash resources</b>	<b>562,200</b>	<b>131,354</b>	<b>250,078</b>
<b>5. Contingency Reserve</b>	<b>707,635</b>	<b>1,288,251</b>	<b>1,022,374</b>

Isamba sethu **esiphelele** sesabelozimali esisabelwe **UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke** kowezi **2014/15 uyizigidigidi ezingama R94.080, izigidigidi ezingama R100.671 kanye nezigidigidi eziyi R103.286, okusinika isamba sezigidigidi ezingama R298.037 esikhathini esiyiminyaka emithathu. Uma songeza amarisidi ethu esiFundazwe isamba esiphelele esibekiwe siyizigidigidi ezingama R96.864 kowezi 2014/15, izigidigidi eziyi R103.666 kowezi 2015/16 kanye nezigidigidi eziyi R106.475 kowezi 2016/17, okusinika isamba sezigidigidi ezingama R307.004 kwi-MTEF. Lena imali ethe ukuthi xaxa futhi sedlulile kwizigidigidi ezingama R100 okokuqala emlandweni. Sesizokwazi ngempela ukuletha izidingo ezinqala emphathini yethu.**

**Umugqa 2: ukusebenzisa kwethu imali okuhleliwe** okwenziwa yiminyango kowezi 2014/15 kuyizigidigidi ezingama **R96.718, izigidigidi eziyi R102.509 kowezi 2015/16 kanye nezigidigidi eziyi R105.702 kowezi 2016/17, okusinika isamba sezigidigidi ezingama R304.929 esikhathini esiyiminyaka emithathu.**

**Umugqa 5:** Ngokuhambisana nokwenziwa **UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke**, siyaqhubeka nokwaba imali **esikhwameni esiyinqolobane esinezigidigidi ezingama R707.635 kowezi 2014/15, isigidigidi esi R1.288 kowezi 2015/16 kanye nesigidigidi esi R1.022 kowezi 2016/17.** Inqolobane yezimo eziphuthumayo igcinwe kuleli zinga okwamanje, njengezimali ezibekiwe yanikwa izifundazwe ezithintekayo kowezi 2013/14 uma idatha yokubalwa kwabantu kowezi 2011 esetshenziselwa ukuphucula ifomula



yokwabelana ngokulinganayo kwaphoqa ukuba kube nokwehliswa kokungabelwana ngakho kuyaphela kusukela kowezi 2016/17. Sinonyaka owodwa noma emibili ukulungisela ukukwazi ukubhekana ngqo nalesisiomo.

### E.1 Imali yesibonelelo ekhishwa ngokwezimo ezithile

Izimali ezahlukene zesibonelelo ezikhishwa ngokwezimo ezithile zikhuphukile kanti lapho ezinye zinciphisiwe. **Ukukhishwa kwemali yesibonelelo ekhishwa ngezimo ezithile yase KZN ikhule ngesigidigidi esi R1.983 ngowezi 2014/15 kanye no nesigidigidi esi R1.684 ngowezi 2015/16 lapho ibe yehle ngezidigidi eziwu R261.168 ngonyaka ka-2016/17.** Izinguquko ezinohlolwe zichazwe lapha:

- **Imali yesibonelelo sengqalasizinda yezemfundo** kuzo zonke izifundazwe yehliswe kancane nge-MTEF yowezi 2014/15, njengoba ingxyenye yemali okumele itholwe i-KZN kwizidigidi eziwu R46.359, nakuzidigidi eziwu R117.982 ngowezi 2015/16 kanye nakuzidigidi ezi R4.272 ngowezi 2016/17. Lokhu kwehla kusavumela ukukhula enanini lesibonelelo sezimali unyaka nonyaka futhi ke kumele kube nomthelela othize ekuhanjiseni kwezidingo.
- **Imali yesibonelelo sengqalasizinda yezemfundo yehle** ngezidigidi ezi R2.007 ngowezi 2016/17. Lezi zimali azinikizelwa esifundazweni njengoba uMnyango wozokuGcinwa kwaMafa kaZwelonke usuthathe isinqumo sokuthi wakhe isikhuthazi kule mali. Ngakho ke, ukukhishwa kwemali kwangaphandle konyaka kususiwe kuzo zoyisi shiyagalombili izifundazwe yase ibekwa emalini ephakathi nendawo lapho zonke izifundazwe kuzomele zibhedele le mali, futhi kuzomele zibonakalise ukuthi izinhlelo kanye nemigudu ibekiwe ngaphambi kokuba le mali ikhishelwe ukuba isetshenziswe ngonyaka ka 2016/17. Uguquko lwenziwe kabusha kulolu hlelo lwesibonelelo sezimali oluhlose ukugququzela ukuhlelwa okufanele kwengqalasizinda. Izifundazwe zaziswa ngonyaka ka 2012/13 uMnyango wozokuGcinwa kwaMafa kaZwelonke ukuthi kuzodingeka ukuba zibhedele ukuthola imali yengqalasizinda ngaphambi kweminyaka emibili kanti futhi izikhuthazi zezezimali zizokwakhiwa kule ngqalasizinda ngexa yokukwazi kwazo ukusebenzisa imali kuhla lezimali lwengqalasizinda. Ukubhida konyaka wezi 2016/17 kuzoqala ngonyaka wezi 2014/15, ngakho ke akukho mali ezokhishwa ngonyaka wezi 2016/17 kulesi sigaba. Kodwa uma siqhubeka nokwenza kahle ekusebenziseni lemali yenqala sizinda akumele sisabe lutho imali izbuya esifundazweni.
- **Ukukhishwa kwemali yesibonelelo sengqalasizinda yezemfundo kubandakanya** inani le mali efika kwizidigidi ezi R31.557 kowezi 2014/15 kanye nezidigidi ezinga R23.983 kowezi 2016/17 lezi zimali zibekelwe **ukulungisa umonakalo odalwe yizikhukhula.**
- Inhloso yecebo yesibonelelo **Sokulungiswa kabusha Kwezinsiza Zezempilo** ukuvumela izifundazwe ukuba zihlele, zimelane, zikwazi, zigcine futhi ziguqule ingqalasizinda ehambisana nezinhloso zemigomo yesifundazwe nekazwelonke. Lesi sibonelelo sibe nezinhloso ezintathu ngowezi 2013/14, ukuyilezi ezilandelayo:
  - ouhlaka Olulungisa kabusha Izibhedlela oluxhasa ukwakhiwa, ukukhushulwa kwezinga noma ukushintshwa kwezibhedlela;
  - ouhlaka Lwamakolishi Abahlengikazi kanye nezikole oluzoxhasa ukukhushulwa kwezinga lwamakolishi abahlengikazi kanye nezikole; kanye
  - oNohlaka lweNgqalasizinda yezeMpilo oluzoxhasa ukuthuthukiswa kwazo zonke izinsiza zezempilo.

- Izimo Zokulungiswa kabusha Kwezinsiza Zezempilo ziyaguqulwa kusukela ngowezi 2014/15 **ukuvumela ukukwazi** ukugudlula izimali kulezi zinhlaka.
- **Isibonelelo Sokuguqulwa Kwezinsiza Zezempilo siyakhuphuka** ngezigididi ezinga R72.038 futhi **sehla** ngezigididi ezinga R49.541 ngowezi 2015/16. Ngokwesibonelelo Sengqalasizinda yezeMfundo, ukukhishwa kwemali okungaphandle konyaka kuyasuswa engxenyeni yezeMfundo kulesi sigaba bese kubekwa emalini ephakathi nendawo lapho zonke izifundazwe kuzomele zibhidele khona le mali, futhi kuzomele zikhombise ukuthi izinhlelo ezahlukeneyo kanye nemigomo kukhona ngaphambi kokuba le mali ikhishwe ngowezi 2016/17 njengoba kuchaziwe ngaphezulu.
- **Isibonelelo Sokuguqulwa Kwezinsiza Zezempilo kubandakanya** inani lemali ewu R260 000 ngowezi 2014/15 kanye noR198 000 ngowezi 2015/17 ezibekelwe ukulungisa kwezindawo ezikhahlamezwe izikhukhula.
- **Isibonelelo seNgculazi neSandulela ngculazi** siyakhula kakhulu ngezigididi ezinga R159.287 ngowezi 2014/15, nezigididi ezinga R361.158 ngowezi 2015/16 kanye nangezigididi ezinga R844.056 ngowezi 2016/17. Lokhu kuhambisana nesidingo sokubukiswa ukukhishwa kwemali ukuthuthukisa ukusetshenziswa kwemali yisifundazwe mayelana nalolu hlelo. I-KZN isikhombisile ukuthi iphethe ngaphezu kuka 30% womthwalo we-HIV and AIDS, lapho ibe ithola u 25% wengxenywe yoxhaso lwemali kazwelonke. Lokhu ke kulungiswa ngokukhushulwa kwesibonelelo sale mali.
- **Isibonelelo samakolishi angama-Further Education and Training (FET)** sona sikhuphukile kuzo zonke izifundazwe kulandela ukunyuka kweholo lonyaka wonke. Amanani ongezwe ku-KZN ngezigididi ezinga R4.297, izigididi eziyisi R7.084 kanye nezigididi ezingama R27.843 ngaphezu kwe-MTEF kowezi 2014/15.
- **Isibonelelo Sokuthuthukiswa Kwezindawo zabantu zokuhlala** sibe nengxenywe yaso esusiwe eminyakeni emibi engaphandle ku-MTEF kowezi 2013/14 njengoba indlela entsha yokubala lesi sibonelelo ibisakhiwa. Le ndlela yokubala entsha ye-HSDG kumaje isivunyiwe yi-MINMEC Yezezindawo Zokuhlala zabantu kanti izosetshenziswa eminyakeni engaphezu kwemibili, okungowezi 2014/15 kanye nowenzi 2015/16. Ngakho ke i-HSDG **izobuyisa amazinga ehliswe alinganiselwa** kuzigidigidi ezi R3 ngonyaka. Kuleli nani, isigidigidi esi R1.150, nesigidigidi esi R1.180 kanye nesigidigidi R1.314 ngaphezu kwe-MTEF kumele unikezwele eThekwini.
- **I-HSDG yehlisiwe kuzo zonke izifundazwe** ngezigididi ezinga R899 kowezi 2014/15 kanye nangezigididi ezinga R975 ngowezi 2015/16 futhi lamanani agudluzelwa eMnyangweni kaZwelonke Womnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu njengesibonelelo esingena nganhlanye. Lezi zimali zizosetshenziswa ohlelweni **lokususa ukuthuthwa kwendle ngamabhakede futhi izogxila kakhulu ekuthuthukiseni amasu okuthutha ukungcola** ezindaweni lapho amaprojekthi ezezindlu engahlinzekanga khona ngokuphelele izinhlelo zokuthutha ukungcola.
- **I-HSDG ibandakanya** izigididi ezinga R167.317 kowezi 2014/15 kanye nezigididi ezinga R127.161 kowezi 2016/17 abekelwe **ukulungisa izindawo ezikhahlamezwe izikhukhula**.
- **Isibonelelo Sokusebenza Kwezokuthutha Zomphakathi** sona sikhuphuke ngo-ngezigididi ezi R9.433 kowezi 2014/15, ngezigididi ezi R9.436 kowezi 2015/16 kanye nezigididi ezinga R59.074 ngowezi 2016/17 ukulekelela izifundazwe ngezindleko **zokukhuphuka kwamanani kaphethiloli kanye nawomsebenzi ukunikezela ezokuthutha zomphakathi**.

- Kunendlela entsha **yokubala ukunikezelwa isibonelelo Sokulungiswa Kwemigwaqo Esifundazweni** kuzo zonke izifundazwe, le ndlela entsha izofakwa eminyakeni yokuqala emibili okuyi-MYEF yowezi 2014/15. Lokhu ke kudala umphumela **wokukhuphuka** oyizigidi ezi R36.565 ngowezi 2015 kanye **nokwehla** ngezigidi ezi R181.190 ngowezi 2015/16 kanye nezigidi ezi R81.277 ngowezi 2016/17.
- **Isibonelelo Sokusebenza Kwezokuthutha Zomphakathi sibandakanya** amanani ayizigidi ezi R52.194 kowezi 2014/15 kanye nezigidi ezi R5.114 ngowezi 2015/16 **ukulungisa umonakala odalwa izikhukhula**.

## F. UKUPHATHA OKUHLE

Ukulawulwa kohlahlozimali, okungukuthi, izindlela zokuqandwa kwamanani athize, kwethulwa ngonyaka ka 2009/10 esifundazweni sase-KZN. Sekuphenduke "indlela yokuphila" kanye neyokuqhamuka nemigomo, ngezansi kubalwe, iminyango esithuthukisiwe kanye nephinde yakhishwa kabusha unyaka nonyaka. Le minyango iyizinkomba ezibonakalisa ukuphatha okuhle, kunemisebenzi eyenziwa ngaleso sikhathi esithile ukunzama ukunqanda amanani. Kubaluleke kakhulu ukuthi iminyango kanye nezinye izinhloko zomphakathi ziqhubeke nokulandela imizamo ebekwayo yokwehlisa amanani athile, ikakhulukazi uma kuzobhekwa ukwehliswa kwamanani atholwa iminyango ethile azobonakala uma uxhaso lwezimali luphela kusukela ngonyaka ka-2016/17 kuya le. Kubaluleke kakhulu ukuthi imizamo yokunqandwa kwamanani ingabi nemithelela emibi ekuhambiseni izidingo. Okumele kususwe futhu kuqashelwe kakhulu, ukuchithwa kanye nokusetshenziswa kwemali ngokungenasidingo

Ukwengeza emizamweni yesifundazwe, uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke selikhiphe umyalelo wokuqala ka 2013/14: Izindlela zokunqandwa kwamanani lapho wonke amazanga kahulumeni kumele alendele khona. uMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke lisohlweni lokuhlenganisa imizamo yesifundazwe kanye nekazwelonke kodwa, ezikhathini eziningi, imizamo yethu inomthetho kakhulu, futhi inomthetho ukudlula ngisho imiyalelo kazwelonke. Lokho ke akufanele kube nomthelela ekutheni i-KZN yona iyibenzise kanjani imigomo yayo yokulwisana namanani kusukela ngonyaka ka 2009/10. Imizamo yokulwisana namanani yesifundazwe ifundeka kanje:

1. Ingxenye enkulu yohlahlo zimali lwase-KZN igxile kakhulu Ekunxephezeleni abasebenzi futhi lokhu akusiyona indlela okusetshenziswa ngayo imali engavele yehliswe ngesikhathi esifishane. Yonke iminyango kanye nezinhloko zomphakathi **kumele ziqhamuke nendlela esheshayo ezogcwalisa imisebenzi engekho nzima ngaleyo ndlela** (imisebenzi enjengeyama-HOD, CFO, abasebenzi basemtholampilo kanye nabasebenzi ababhekelele ezokuphathwa kweminyango kumele iqhubeke igcwaliswe), futhi kumele kuqinisekise ukuthi abasebenzi bagxila kakhulu futhi bahlala emsebenzini yabo ebafanele. Ukukhula kwezibalo zabasebenzi kuzonciphisa ukuchithwa kwemali yokuthunyelwa kwezidingo ngaphandle ke uma lezi zibalo zilawulwa ngokuqaphela.
2. Ukubhekwa kabusha kokuhleleka ngokwemisebenzi kwayo yonke iminyango kanye izikhungo zikahulumeni kumele kubukwe ngehlo lokukwazi ukususa imisebenzi engenasidingo kulezi zinhloko
3. Yonke iminyango kanye izikhungo zikahulumeni **KUMELE** zenze umsebenzi wokubala wonke umuntu ngamunye ngamunye ukuvikela izinkokhelo ezingagunyaziwe kanye neziphindekile.

4. Akukho fenisha noma izinto zokusebenza okumele zithengwe, ngaphandle uma kuyizinto zokusebenza ezibalulekile ezidingeka ekuhanjiseni kwezidingo kanye nokwenziwa kwemisebenzi.
5. Ukuqeqeshwa okusemqoka kumele kwenziwe ngaphakathi (okunye okuhlukile kungagunyazwa Umphathi woMnyango)
6. Uhambo lwaphesheya kwezilwandle makube ngoluzwakalayo futhi isibalo sabantu abathunyelwe sigcinwe sincane.
7. Ukuhamba ngamabhanoyi ezingeni lebhizinisi kumele kube ngokwama-MEC, HOD (namalungu ephalamende, lapho kufanele khona).
8. Ukuqashwa kwezimoto - uhlobo lwemoto kumele lwehliswe.
9. Ukuqashwa kwabaphekela ukudla emihlanganweni kumele kuyekwe (okunye okuseceleni kumele kugunyazwe ngumphathi womnyango, kodwa akumele kube khona ukudla okuzothengelwa imihlangano yangaphakathi eminyangweni).
10. Ukulawulwa kwamakhilomitha kumele kwenziwe uma kuzohanjwa (amakhilomitha ayi 2 500 ngenyanga omsebenzi ngamuye ngaphandle uma kunezimo eziphoqayo - ezinye izimo kumele zigunyazwe umphathi womnyango).
11. Iziphathimandla kumele zihambe ndawonye ngaphandle uma lokho kungeke kuvimbeke.
12. Iminyango kanye nezinhlaka zomphakathi kumele zihlele imihlangano ngokucophelela futhi zibonakalise isibalo semihlangano ebanjiwe (sengathi abasebenzi bezifunda ngesinye isikhathi babizwa emihlanganweni emahhovisi amakhulu ahlelwe izinhlaka ezahlukenegezinsuku ezahlukeneg, lokhu kudinga ukuba bahambe baye baphinde babuye ezigungwini zabo njalo. Le mihlangano kumele ihlelwe futhi yenziwe phakathi kwazo zonke izinhlaka ukwehlisa ukuchithwa kwemali kanye nesikhathi).
13. Ukuhamba okubalulekile kuphela okumele kwenziwe.
14. Imihlangano yangaphakathi, amaseshini okuhlela anohlonze kanye nemihlangano yokwakhana kumele ibanjelwe amahhovisi eminyango hhayi ezindaweni ezikhethekile (okunye okuseceleni kungagunyazwa i-PT). Lapho ukugunyazwa kwe-PT kudingeka, ubufakazi kumele bunikezwe obuzokhombisa ukuthi zonke ezinye izindawo sezithathiwe ngaphambi kokuba ukuqashwa kwendawo eseceleni kugunyazwa.
15. Imihlangano yangaphandle, imihlangano yokukhubonisana kanye nemicimbi kumele kubanjelwe ezindaweni zikahulumeni hhayi ezindaweni eziseceleni (okunye okuseceleni kungagunyazwa i-PT). ukusetshenziswa kwamatende kumele kucatshangwe ngaphandle uma le micimbi ingeke ikwazi ukuthi ibanjelwe emahholo kamasipala, emahholo ezikole, ezindaweni zasema-FET, Lapho ukugunyazwa kwe-PT kudingeka, ubufakazi kumele bunikezwe obuzokhombisa ukuthi zonke ezinye izindawo sezithathiwe ngaphambi kokuba ukuqashwa kwendawo eseceleni kugunyazwa.
16. I-cap kumele ibekwe esibalweni semicimbi ebanjiwe, futhi i-cap kumele ibekwe enanini lomcimbi ngamuye (inani lemicimbi yomphakathi libekwa umaka esibalweni semicimbi emibili ngenyanga noma imicimbi ewu 24 ngonyaka. Ukuqinisekisa isikhathi esanele sazo zonke izidingo ze-SCM okumele zithathwe, ihhovisi le-CFO kumele linikezwe isexwayiso

sezinsuku zokusebenza ezinhlanu ukucela imali ezobizwa ngomsebenzi. njll. sale micimbi. Lapho imali ezobiza lowo mcimbi isivunyiwe, kuyaphakanyiswa ukuthi iminyango kanye nezinhlaka zomphakathi zikhulumisane ngomuntu osuke ezonikezela ngomsebenzi ngenani eliphansi njengoba lokhu kungadala ukonga kwenani lemali engachithwa. Ikhabinethi igunyaze ukuthi, umcimbi obandakanya amalungu omphakathi awu 3 500, lowo mcimbi akumele ubize ngaphezu kwesigidi esi R1 ukuwenza. Imicimbi lapho kufika khona amalungu omphakathi abalelwa phakathi kuka 1 500 kanye no 2 000, le micimbi akumele ibize ngaphezu kuka R500 000 kuya ku R700 000 ngamunye.

17. Ukusetshenziswa kwebhanoyi ukuya emihlanganweni ebalulekile kumele kuhambe ozomela umnyango oyedwa ukuba ayothamela lowo mhlango, ngaphandle uma izimfuno zihlukile.
18. Akudingeke micimbi ezokhulisa ukuzwana phakathi kwabasebenzi noma imicimbi yokuphela konyaka noma amaphathi kaKhisimusi (lokhu kugunyazwe uma kukhokhelwe abasebenzi).
19. Ukuqashwa kwezindawo zokulala zasebusuku okungenasidingo kumele kuvalwe.
20. Uma kunemihlangano yosuku olulodwa kwezinye izifundazwe, iziphathimandla kumele zihambe zibuye ngosuku olulodwa (lapho kungenzeka khona).
21. Uma kuprintwa ama-APPs, SPs, Izethulo zonyaka, njll., iminyango kanye nezinhlaka zomphakathi kumele zinciphise ukusetshenziswa kwamaphepha anemibala emiqingweni yayo, kanye namaphepha anesisindo esilula kanye namakhava njengoba lokhu kudala amanani aphezulu angenasidingo. Uma kwenzeka, iminyango kanje nezinhlaka zomphakathi kumele zibheke ekusebenziseni izindlela zokusebenzisa ugesi ukuthumela imiyalezo (isib. Ama-compact disc) ukwehlisa amanani. Izihloko zezincwadi eziyigolide noma isiliva akumele zisetshenziswe.
22. Akukho zinto zokuzikhangisa (isib. Izikibha, amakapisi, izikhwama) okumele kuthengwe (okunye kungagunyazwa i-PT).
23. Akukho nkokhelo yokuguqulwa kwesikhathi sokuphumula okumele yenziwe (isikhathi sokuphumula kumele sithathwe) - lokhu akusebenzi emalini yokuphumula okumele ikhishwe uma abasebenzi bephuma ekusebenzeleni umphakathi.
24. Kumele kulawulwe ukusetshenzwa ngaphezu kwamahora alindelekile, kumele kuvunyelwe lapho kusuke kufanele khona ngampela.
25. Akukho manzi asezigujini okumele athengelwe imihlangani, njll., ngaphandle uma ungenzi njalo lokho kuzodala ingozi emimweni sezezempilo.

Njengohulumeni kumele sazi ngezindleko ezibangwa izinga eliphezulu lezingozi zomgwaqo, bese sithatha iziyathelo ezifanele ukulwisana nokushayela budedengi, nokushayela kudliwe amanzi amponjwana. Ekwenzeni lokhu singonga kakhulu.

## G. UKUSETSHENZISWA KWEMALI KWINGQALASIZINDA

Ukutshala imali kwingqalasizinda kunemithelela emifishane kanye nephakathi nendawo emnothweni. Lokhu kubandakanya:

- Ukukhula kwezimfuno nezidingo
- Ukuthuthukiswa kokwakhiwa kwamathuba emisebenzi
- Ukukhuliswa kokukhiqizwa njengomphumela wengqalasizinda entsha
- Ukuvuleleka kwamathuba ezomnotho okuzodala ukukhula komnotho kanye nokusebenza
- Ukukhula kokutshalwa kwemali okuzimele
- Ukukhula okuphezulu kwemali eqoqwa nguhulumeni

### G.1 UKUKHULA KWEMIKLAMO KA 2013/2014

Ngabalula amaprojekthi amaningi yengqalasizinda yesifundazwe kuhlalo zimali engalwethula ngonyaka odlule. **Isifundazwe sesikhombise inqubekela phambili enkulu kule miklamo, njengoba icaciswe ngezansi:**

#### Umnyango Wezokuthutha:

Ngo 2013/14, uMnyango uqhubekile nohlelo lokuthuthukisa kanye nokwakhiwa kwemigwaqo olusekelela izinhlelo zokuthuthukisa njengalezi ezilandelayo:

- **I-African Renaissance Roads Upgrading Programme (ARRUP)**, ebandakanya ukuthuthukiswa kwemigwaqo ukuze ibe semimeni esejwayelekile setiyela. Le miklamo elandelayo iyona esenziwa kumanje:
  - **U-Main Road P700, ophakahi nendawo noLundi naseMpangeni**, ubandakanya ukuthuthukiswa kwamakhilomitha awu 95 omgwaqo owubhuqu ukuze ube onetiyela. Alinganiselwa ku 45 amakhilomitha aseqedliwe njengamanje, bese kuthi lawa amanye angu 15 azobe eseqediwe ekupheleni kukaMarch 2014. Amakhilomitha awu 35 asele wona azoqedelwa ngo 2014/15.
  - **U-Main Road P230, ophakathi kweMpangeni naseShowe**, ubandakanya ukuthuthukiswa kwamakhilomitha awu 31.3 omgwaqo owubhuqu ukuze ube netiyela kanti nokwakhiwa komgwaqo owodwa ohamba ngaphansi. Alinganiselwa kumakhilomitha angu 25.2 aseqedliwe kanti asele alinganiselwa ku 6.1 wona azoqedwa ngo 2014/15.
- **I-Operation KuShunquthuli** igxile ekuthuthukiseni ingqalasizinda yezokuthutha ezindaweni zasemakhaya njengoba zibalulekile ebuhanjiseni kwezidingo. UMnyango uqhubekile nemiklamo ebalulekile ezodala ukuba imiphakathi yasemakhaya ixhumane nezindawo ezinkulu ezimisebenzi zesifundazwe. Eminye yemiklamo yeMTEF ka 2013/14 ibandakanyelokhu okulandelayo:
  - **U-Main Road P127, ophakathi kwempendle neHimeville**, ubandakanya ukuthuthukiswa kwamakhilomitha angu 55 omgwaqo owubhuqu ukuze ube netiyela, kumanje amakhilomitha angu 22.5 aseqedliwe.



- **U-Main Road P73, ophakathi kweSipofu naseXopo**, ubandakanya ukuthuthukiswa kwamakhilomitha angu 75 omgwaqo owubhuqu ukuze abe itiyela, njengoba amakhilomitha angu 36 eseqediwe kumanje, amakhilomitha asele angu 7 wona kulindeleke ukuba abe esephelile ekupheleni kuka-March 2014. Amakhilomitha asele angu 36 wona azoqedwa ngo 2014/15.

### **UMnyango WezeMpilo**

- **Inxanxathela yase-Edendale:** Inxanxathela yase-Edendale - ukuhlelwa kanye nokudwetshwa kwesibhedlela sesigungu esisha kuqale ngo 2013-14, kodwa ukwakhiwa angeke kuqale kuze kube ukuthi isikhona imali yokwenza lokhu (okungukuthi, uMnyango ucacise ukuthi bazothatha leyo mali yalo mklamo esibhedlela iPixley kaSeme uma lesi sibhedlela sesiphelile).
- **I-Dr Pixley ka Seme Hospital:** Ukuhlelwa kanye nokudwetshwa sekuphelile. Ukwakhiwa kulindeleke ukuba kuqale ekuqaleni kuka-Agast 2014 bese kuphothulwa esikhathini esiyizinyanga eziwu 42.
- **I-Madadeni Psychiatric Hospital:** Isigaba sokuhlela nokudwetshwa sesiphelile njengoba ukwakhiwa kuhlelwe ukuba kuqalwe ngo-Ephreli 2014. Lo mklamo ulindeleke ukuba uthathe izinyanga eziwu 24.
- **Imitholampilo ewu 32** yahlalwa. Kuyo yonke le, eyishiyagalombili yayo isisegabeni sokuphothulwa okwakhiwa (okungukuthi, le mklamo isiphothuliwe kodwa izinkontileka eziningi zivumela ukuba ukuphothulwa noma inani eligcinwayo limiswe isikhathi esithile, esaziwa ngokuthi isikhathi sokunakekela, uma ngabe ukwakha sekuphelile, lokhu kwaziwa ngetemu elithi i-"snag-list") kanti eminye ewu 14 isakhiwa

### **UMnyango WezeMfundo:**

- **I-Public Private Partnership (PPP)** inikezela ingqalasizinda yezikole: Umeluleki wokuthengiselana useqashiwe ukuze azokwenza izifundo ezifanele ezizobhekelela ukuba semuva kwengqalasizinda yokwakhiwa kwezikole. Lo mklamo usuchazwe ngezina eliphezulu elithile kanye nokuhlaziywa kwezidingo azo zozine izindawo lapho kusabhekwa khona ukuba lo mklamo uzokwenzeka yini, okuyilezi ILembe, Uthukela, Ugu kanye noMgungundlovu.
- **Ingqalasizinda Yokuthuthukiswa Kwasemazingeni aphansi Obungane:** UMnyango uphansi phezulu nokuhlela kanye emazingene ahlukeno nokwakhiwa kwamagumbi okufundela alingeniselwa ku 1 300 kanye nezindlu zangasese ezingu 2 800, awu-119 aqediwe ukwakhiwa ngo 2013/14. Kucatshangwa ukuthi amagumbi okufundela angu 300 ahlosiwe azobe esephelile ukwakhiwa ekupheleni kuka 2013/14.



## **G.2 AMANYE AMAPROJEKTHI YENGQALASIZINDA EHLELELWE I-MTEF KA 2014/15**

**Isifundazwe sihlele ukuba sichithe imali elinganiselwa ku R11.757 billion ngo 2013/14, ikhuphuke ifike ku R13.613 billion in 2015/16 bese yehlela ku R11.554 billion ngo 2016/17 kiprojekthi eyehlukene yengqalasizinda. Lokhu kubalula inani lemali ewu R37.200 billion ngaphezu kwe-MTEF ka 2014/15.** Lokhu kubandakanya imali yesibonelelelo esinemibandela yokukhokhelwa kwengqalasizinda. Okungabaliwe lapha yisilinganiso semali esabelwe ingqalasizinda uMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu lapho uthola ukuthi izimpahla akuzukuba ngezikhahulumeni. Ngalokho lesi silinganisa kasifakiwe kwitafula legqalasizinda. Uma besifakiwe, isamba esiphelele besizofinyelela kwizigidigidi eziyi R15.387 ngowezi 2014/15, izigidigidi R16.257 ngowezi 2015/16 kanye nezigidigidi R14.727 ngowezi 2016/17. Uma sekuhlanganiswe yonke iba yizigidigidi ezingama R46.317 eminyakeni yeMTEF 2014/15. Lokhu kukhomba ukutshalwa kwezimali okunqala emnothweni nokuyisiphehli sokukhula komnotho nentuthuko.

Amaprojekthi abalulekile engqalasizinda ngaphezu kwe-MTEF ka 2014/15 abandakanya:

### **G.2.1 Ezokuthutha**

**UMnyango Wezokuthutha uzochitha ngaphezu kwezigidigidi ezingama R21.105 ngaphezu kwe-MTEF kowezi 2014/15 kumaprojekthi ahlukehlukehle engqalasizinda, lokho okufika kwizigidigidi ezingama R19.381 abekiwe ngaphezu kwe-MTEF ebekiwe ka 2013/14.**

UMnyango uzothuthukisa uphinde ubhekelele ukuxhumana kwemigwaqo yesifundazwe ukuthuthukisa nokwengeza isikhathi sengqalasizinda yokuxhumana kwesifundazwe. Amanye amaprojekthi abalulekile azothathwa abandakanya lawa alandelayo:

- **U-Main Road P234**, okwaNongoma, obandakanya ukuthuthukiswa kwamakhilomitha angu-40 omgwaqo owubhuqu kube oyitiyela.
- **U-Main Road P104**, oseNdwendwe, obandakanya ukuthuthukiswa kwamakhilomitha angu-22 omgwaqo owubhuqu kuya koyitiyela.
- **U-Main Road P1-1(M13)**, Ophakathi kwe-Hillcrest kanye ne-Pinetwon, obandakanya ukulungiswa kabusha kwetiyela elingamakhilomitha angu-11.
- **U-Main Road P398-1**, Ophakathi kwendawo yakwaMsane naseMtubatuba, ubandakanya ukulungiswa kabusha kwamakhilomitha awu-6 etiyela.

### **G.2.2 Ezempilo**

**Imali ebekiwe yengqalasizinda yoMnyango wezeMpilo kwiMTEF kowezi 2014/15 izigidigidi ezi R3.029.** UMnyango uzosebenzisa le mali kwamanye amaprojekthi ahlukehlukehle. Ngezansi kubalwe amanye amaprojekthi engqalasizinda alo mnyango:

- Ukulungiswa kabusha kwesibhedlela sase-**Edendale** kulele ekuhlolweni kwesimo saso uMnyango Wezemisebenzi yoMphakathi. Njengoba isibhedlela esisha sihlelelwa kule ndawo, ukulungiswa kabusha kuyadingeka kulesi sibhedlela okusigcina sikwazi ukusebenza kuze

kwakhiwe isibhedlela esisha. Inani lale projekthi yeminyaka emithathu izigidi eziyi R100 futhi libandakanya izindawo lapho kuzothuthukiswa khona ezikagesi kanye nonendawo lapho kuzosebenza khona imishini, ukuthuthukiswa kwamakheshi, iziqandisi kanye nama-generator azolekelela ukuhamba kukagesi. Le projekthi ihlelelwe ukuba iqale ekuqaleleni kuka-Agasti 2014.

- Ukulungiswa kanye nokuvuswa kabusha **kwesibhedlela saseMadadeni** okugxile ekuhlolweni kwesimo salesi sibhedlela. Inani lale projekthi yeminyaka emibili u-R85 million futhi ibandakanya izindawo laphokuhlala khona okusebenza ngemishini kanye nokuthuthukiswa kukagesi, ukuthuthukiswa kwamakheshi, iziqandisi kanye nama-generator azolekelela uma kuhambe ugesi. Le projekthi ihloswe ukuba iqale uma kuqala u-Ephreli 2014.
- Ukwakhiwa kwamawadi anemibhede yeziguli engu-192 ukuthatha isikhundla samawadi E, F, G kanye no-H **esibhedlela saseNgwelezane**. Le projekthi ibandakanya ukuwisa i-Crisis Centre ekhona bese kwakhiwa entsha. Inani lale projekthi ezothatha izinyanga ezingama 30 lizoba izigidi ezingama R320.
- Ukuthengwa **kwesibhedlela i-St. Aidens** ngezigidi ezingama R60.
- **Izikhungo Zezempilo zomphakathi ezintathu** kumanje ziyakhiwa e-Dannhauser, Jozini kanye nase-Pomeroy lokho kufinyelelwa enanini eliyizigidi ezingama R594.429.

### **G.2.3 Ezemfundo**

**UMnyango wezeMfundo ubekelele imali ozoyichitha elinganiselwa kwizigidigidi eziyi R7.997 ngaphezu kwe-MTEF kowezi 2013/14 ngenxa yokuphela kwesibonelelo sengqalasizinda kwezemfundo kowezi 2016/2017, (njengoba kuchaziwe phambilini), kulamaphroktu alandelayo okungamanye awo:**

Lezi zikole ezilandelayo ngezinye ezizokwakhiwa ngaphezu kwe-MTEF kowezi 2014/15:

- Indumo Model School kwisigungu saseMkhanyakude
- Umvuzo High School kwisigungu saseMgungundlovu
- IMPumelelo High School kwisigungu sasoThukela
- Ebuhlenibenkosi High School kwisigungu saseZululand
- Emadungeni High School esikwisigungu saseSisonke
- uMalusi High School esikwisigungu sasoGu
- Mtamntengayo Primary School esiseThekwini Metro

### **G.2.4 Ukuhlaliswa kwabantu**

**Lama projekthi abandakanya: UMnyango wezokuHlaliswa kwaBantu uzochitha imali engaphezulu kwezigidigidi eziyi R9.612 kwi-MTEF yowezi 2014/15 kumaprojekthi ahlukahlukene.**

- **Ukuthuthukiswa kwezindawo ezinemijondolo** kubandakanya i-Cornubia. I-Cornubia iprojekthi esohlelweni lwe-Integrated Residential Programme oselwethule ama-units angu

482 ka-Phase 1A kulabo abahola abasohlwini lwabahola imali encane, amanye ama-units angu 2186 azokwakhiwa ku-Phase 1B. UMnyango ufuna umhlaba osendaweni ekahle yohlelo lokuthuthukiswa kwezindawo ezinemijondolo e-Driefontein kwaDukuza, ngaphakathi kukaMasiplala Wesifunda iLembe oluhlelwe ukuba lwethule ama-units angu 17 000, kanye nase-Blaubosch eNewcastle ngaphansi kukaMasipala Wesifunda Amajuba ohlelwe ukuba wethule izindlu ezingama 25 000.

- **Ukuthuthukiswa kwemizi yasemakhaya** ibandakanya amaprojekthi anjenge-Vulindlela Housing Project kuMasipala waseMsunduzi. Le projekthi iyakhula kakhulu njengoba isiqede izindlu angaphezulu kwe 1 300 kanti ezinye izindlu sezise mazingeni ahlukeni okwakhiwa.
- **Ukulungiswa kabusha kwezindlu ezakhiwa ngaphambi kowezi 1994** kubandakanya inani lezindlu ezakhiwa ngaphambi kowezi 1994. UMnyango uhlela ukuthi ulungise inani lezindlu elifinyelela ezi 42 797 ngaphansi kwale projekthi njengoba awase-Austerville kaye nase Shallcross eseqaliwe.
- **Izindawo ezizolekelela ezokuphilisana kwabantu kanye nezomnotho** nazo zisohlelweni lokukhandwa kanti nemali eyabelwe zona kowezi 2014/15 ingeyokuqedela lamaprojekthi njengase-Stepmore kanye naseMziki, okungezinye zezindawo.

## H. UKUBHEKWA KWEVOTI NGALINYE KWE-MTEF KOWEZI 2014/15

**Table 3: Summary of provincial payments and estimates by vote**

R thousand	Audited Outcome			Main Appropriation	Adjusted Appropriation	Revised Estimate	Medium-term Estimates		
	2010/11	2011/12	2012/13	2013/14			2014/15	2015/16	2016/17
1. Office of the Premier	423,807	485,600	675,821	620,854	762,405	762,405	741,291	723,826	756,894
2. Provincial Legislature	310,909	380,588	431,718	417,120	454,820	454,820	491,186	455,994	480,352
3. Agric., Enviro. Affairs and Rural Dev.	2,045,856	2,475,378	2,849,212	2,862,582	2,850,023	2,850,023	3,070,155	3,093,537	3,241,463
4. Economic Development and Tourism	1,624,311	1,534,168	1,685,848	1,837,015	1,979,851	2,107,641	1,946,940	2,037,191	2,102,627
5. Education	28,746,616	33,799,217	35,588,285	37,008,579	37,596,762	37,715,377	39,446,920	42,572,680	42,881,812
6. Provincial Treasury	388,936	390,325	518,340	684,929	653,971	637,693	834,183	758,215	759,449
7. Health	20,734,986	24,791,118	27,390,533	28,647,877	29,141,344	29,508,508	30,914,196	32,881,579	33,821,760
8. Human Settlements	3,089,237	3,042,495	3,377,771	3,550,676	3,591,370	3,591,370	3,600,282	3,656,033	3,907,814
9. Community Safety and Liaison	129,186	145,239	135,892	172,347	171,347	167,521	181,295	186,069	198,470
10. The Royal Household	50,627	59,409	61,367	63,330	68,746	68,804	54,211	56,536	59,549
11. COGTA	1,002,589	1,106,349	1,314,550	1,247,696	1,246,342	1,246,342	1,348,076	1,362,669	1,435,607
12. Transport	5,958,923	6,639,855	7,650,308	8,066,335	8,046,081	8,046,081	9,060,595	9,504,027	10,001,955
13. Social Development	1,416,423	1,934,257	1,985,386	2,325,185	2,315,947	2,263,207	2,497,952	2,627,481	2,767,560
14. Public Works	1,114,209	1,182,268	1,133,311	1,261,366	1,313,731	1,316,396	1,369,361	1,372,793	2,046,221
15. Arts and Culture	349,369	369,752	479,744	644,964	691,026	711,165	705,112	806,706	805,982
16. Sport and Recreation	276,740	307,836	364,151	381,349	401,524	401,524	456,379	413,293	435,024
<b>Total</b>	<b>67,662,724</b>	<b>78,643,854</b>	<b>85,642,236</b>	<b>89,792,204</b>	<b>91,285,290</b>	<b>91,848,877</b>	<b>96,718,134</b>	<b>102,508,629</b>	<b>105,702,539</b>

Le ngxenye ibuka amanani e-MTEF kowezi 2014/15 eyabelwe umnyango ngamunye, futhi inikezela ukubheka okuvulelekile okubheka ukuthi lezi zimali zizothengani:

## H.1 Ihhovisi LikaNdunankulu

**Ukwabelwa kohlahlozimali kwehhovisi likaNdunankulu kwehle kusukela kwizigidi R762.405 ngo 2013/14 kuya ku kwizigidi R756.894.078 ngo 2016/17.** Lokhu-ke ngukwehla okujwayelekile konyaka wonke ezikhathini ezijwayelekile. Lokhu kwabiwa kwale mali kunakekela lezi zinto ezilandelayo, ukubala nje kokunye:

- **UHlelo lokuba aManxusa kweNtsha:** UMnyango uzoqhubeka nokuqalisa ukusebenza kohlelo lokuba aManxusa kwentsha okufaka nokwenza izinhlobo emizini kanye nezinhlelo ezimelene nobubi obusemphakathini obubhekene nentsha. Amanxusa entsha ayophinde assize ekuqaliseni ukusebenza kwezinye izinhlelo zikahulumeni, njengezinhlelo zokuqwashisa ngeGciwane leSandulela Ngculazi kanye neNgculazi, ukugqugquzela ukuphila okunempilo, kanye nemikhankaso yeKhaya elilodwa, iNgadi eYodwa kanye nokaPhindela eSikoleni. Inani lentsha engamanxusa lizokwehla lisuke ezi-3 024 liye kwi-1 966 kowezi-2014/15, ukuze singeqi kusabelozimali.
- **Provincial Planning Commission (PPC):** Izindawo okugxilwe kuzo ze-PPC kusayoba wukuqalisa ukusebenza kwe-PGDP. I-PPC iyoqhubeka ukweseka iminyango eqondile ukufinyelela ekungeneleleni, njengokwakhiwa ngendlela eyityo kwemijondolo, ukusungulwa kwezikhungo zemisebenzi yomphakathi, ukuqalisa ukusebenza kweSu lokuThuthukisa ezikaNdabazabantu kanye namthuba amandla kagesi angavuseleleka, ukubala nje okumbalwa. I-PPC wizonaka kakhulu izindaba ezihlobene nemisebenzi yomphakathi, ezemfundo kanye nokuthuthukiswa kwamakhono, imisebenzi yamanzi, ukudidiyelwa kokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya, ukugada kanye nokuhlola kanye nokudidiyela inqubomgomo.
- **UHlelo lukaSukuma Sakhe (OSS):** Okubekwe phambili nokugxilwe kukho kowezi 2014/15 kuyofaka nokuphucula ukubamba iqhaza kwabanesabelo ngokuqinisa amaqembu abantu abasebenza emphakathini kanye namakomidi nokuzohucula ukusebenza kwezinkundla zokubonisana, njengoba kungukuthi abangama 500 kuphela abasebenzayo kwabangama 700. Mayelana nokukhethwa kwezinkundla zokubonisana okumele zikhishelwe ngaphandle, kugxilwe kulezo ezikumawadi angathuthukile ngokombiko wokubalwa kwabantu kowezi 2011 ukuze umnyango ukwazi ukubhekan nokuhlupheka okukhulu kanjalo nomthwalo odalwa yizifo emakhaya kanjalo nasempakathini. Kunezinhlelo zokusungula kanye nokugcina ukubumbana okuholela ekwabiweni kwezindawo kanye nokudidiyelwa kwemisebenzi kahulumeni okufaka nokuvikeleka kokudla, okufaka nokukhangisa, ukuhlomisa abesifazane kanye nentsha nezinhlelo zokuphila impilo ephilile kuyo yonke iminyango.

## H.2 ISiShayanthetho

**Isabelozimali seSiShayamthetho senyuke ngezigidi ezingama R454.820 kowezi-2013/14 saya ezigidini ezingama R480.352 kowezi 2016/17,** okuwukukhula okwejwayelekile okungama 1.8%. Lokhu kwabiwa kuhlinzekela lokhu:

- Imiholo yamaLungu ePhalamende.
- Imicimbi yokubamba iqhaza komphakathi okuhloswe ngakho ukuphucula ukubonisana nezakhamuzi zaseKZN.
- Ukubheka ngendlela izinhlelo zikahulumeni eSifundazweni.

- Ukuphucula izakhiwo zaseSiShayamthetho.
- Ukubuyekezwa kocwaningo lokubheka ukuthi singakhiwa kuphi iSiShayamthetho.
- Umkhiqizo weHansard ophuculiwe.

### **H.3 EzoLimo, EzeziNdawo kanye nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya**

**Isabelozimali soMnyango siyakhula sisuka ezigidigidini ezi R2.850 kowezi 2013/14 siye ezigidigidini ezi R3.241 kowezi 2016/17, okuyisilinganiso sonyaka sokwenyuka ezingama 4.4%. Isabelozimali soMnyango sihlinzekela lokhu:**

- **Ukukhiqizwa kwezitshalo:** UMnyango uzoqhubeka nemizamo ukuthola okungenziwa yindawo yezolimo ngohlelo lokufaka imishini, ngenhloso yokulima kanye nokutshala amahektha angaphezu kwezi 20 000. Uzoqhubeka nokuqinisekisa ukuthi uchibidolo wemishini uzosetshenziswa ngendlela bese kuba ukuthengwa ogandaganda abasha kuphela okufunekayo. UMnyango uzophinde uqhubeke nohlelo lokufaka ilayimi olwaqala kowezi 2011/12, emahlektheni angaphezu kwayizi 4 000 afakwa ilayimi kowezi 2014/15.
- **Ukuthuthukiswa kwemfuyo:** Uhlelo lokungenelela emfuyweni luyihlelo lwesikhathi eside, olugxile ekunakekelweni ngezempilo kwezilwane kanye nokuhlinzekwa kwengqalasizinda eyisisekelo. Kowezi 2014/15, kugxilwe ekushayweni uphawu kwezilwane ngenxa yokukhula kwezigameko zokweba, kanye nemfuyo ezihambela yodwa nedala izingozi, njll. Eminye imisebenzi iyofaka ukuhlinzeka amanzi (okungukuthi ukwakhiwa kwamadamu), ukubhola kanye nokwenza iziyalu, ukwakha kabusha kanye nokwakha amadiphu, ukuqeqesha abalimi kanye neziNhlangothi zaBalimi, ukukhipha izikelemu kanye nokujovwa kwezilwane, ukudayisa kwemfuyo endalini, njll.
- **Ukwabiwa komhlaba:** UMnyango uzoqhubeka ukuhlinzeka ukweseka labo balimi abasha abasanda kubuyiselwa umhlaba onamapulazi alinyelwa ibhizinisi. Ukweluliselwa kwe-ADA eMnyangweni sekuphuthuliwe kanti kuzoba nomphumela wokudidiyela okuyikho nokwenzeka ngesikhathi kanye nokuqalisa ukusebenza kwesu. Izinhlelo ezihamba phambili kwi-ADA wukuthuthukisa kanye nokwandisa ukufinyelela ochungechungeni lwabalimi abadayisayo abamnyama, nokufaka abalimi ababekade bencishwe amathubaemnothweni oqondile. Ngokuhambisana nenqubomgomo yezolimo ukweseka okuhloswe yi-NDP yokudala amathuba emisebenzi kwezolimo kowezi 2030 ezoba ngaphezu kwezigidigidi eziyisi R7 ezizosetshenziswa ezibonelelweni ezinemibandela ezifundazweni ukweseka amapulazi alinyelwa ukudla ayizi 435 000 kanye namapulazi amancane okudayisa ayizi 54 000 kanye nokuphucula imisebenzi yokunweba ezolimo.
- **Ukuvikeleka kokudla:** UMnyango uzoqhubeka nokweseka imizi ngokungenelela ekuvikelekeni kokudla ukunciphisa ukungavikeleki kokudla kanye nokukhulisa indlela yokba abalimi bakhiqize kakhulu.
- **Ukulawula kweNdawo:** UMnyango uzogxila ekuphuculeni izindlela zokulawula kwendawo ezizwakalayo ngale ndlela:
  - UMnyango uyophinde uphucule iphesenti lezicelo zokugunyazelwa izindawo ezithile kubhekwa imigomo ethile esemthethweni.

- UMnyango uyogada ukuhambisana nemithetho yendawo kanye namagunya njengokulungela ukuguquka kwesimo sezulu, ukulawula imfucuzo, ukubheka ikhwalithi yomoya, njll kanye nokwenza okubekiwe lapho kudingeka khona.
- Ukwedlulisela kuyiswa kweEzemvelo KZN Wildlife: Uhlaka luqondisa ukulawulwa kokongiwa kwezimila nezilwane eKZN, okufaka nezindawo ezivikelekile kanye nokulwisana kokubulawa kobhejane ngenhloso yokubadayisa.
- Umnyango uzoqhubeka ukukhipha uizimila ezingezokufika usebenzisa imigomo ye-EPWP ngokubambisana nEzemvelo KZN Wildlife (EKZNW), bese bedala amathuba omsebenzi. Nge-EKZNW umnyango uzobhekana nokubulawa kobhejane. Kulolu hlelo kuzodaleka imisebenzi njengoba amalungu omphakathi ezosetshenziswa ukwenyusa ezokuphepha ngaseziqiwini.
- **Ukwedluliselwa eMjindini:** Ukulungiswa kwengqalasizinda yokuchelela kuzohlala kuhamba phambili eMjindini, okuzoqinisekisa ukuthi baalimi nathola ukulethelwa okuyikho nokungaphazamisekil kwamanzi. Lokhu kuyokwenza ukuba uhlelo lusebenze kahle kakhulu luphinde luphucule ikhwalithi yempilo kubalimi kanjalonakubantu baseMkhanyakude. Lokhu kuyophinde kuphucule ukuphepha kokudla esifundazweni.
- **Ukwedlulisela kwi-Ejensi ukuThuthukiswa kwebhizinisi lezoLimo (i-ADA):** izinhloso ze-ehensi kowezi 2014/15 kufaka nokuphucula umkhiqizo wezolimo kanye nokuncintisana nabalimi ababencishwe amathuba esikhathini esiphambili, kanye nokwenyuka kwemali engenayo kanye nokuqashwa kwezolimo zebhizinisi. I-ehensi izoqhubeka nokugxla emikhakheni emithathu ewuchunge olubalulekile, esingabala kulo ukuphucula imfuyo, umoba nezithelo kanye nokukhiqiza izitshalo.

#### H.4 Ezokuthuthukiswa komnotho kanye nezokuVakasha

**Isabelozimali somnyango siyenyuka sisuka esigidigidini esi R1.979 kowezi 2013/14 siya ezigidigidini ezi R2.103 kowezi 2016/17** esikhombisa ukukhula okwejwayelekile okungama 2.0%. UMnyango uyosebenzisa lesi sabelozimali kulokhu:

- **Ukuthuthuka komnotho okudidiyelwe:** Nge-Ejensi yokuThuthukisa amaBhizinisi amancane kuyokwesekwa kuphinde kusimamise amabhizinisi amancane kanti izimali zawo ziyoyiswa eThala. I-ehensi iyohlinzeka ukweseka okungekhona okwezimali kanjalo nokwezimali (imisebenzi emikhulu yezimali) emabhizinisini amancane. Yophinde igxile futhi ibeke phambili ukwakhiwa kwenqubomgomo kanye nokudidiyela okuzuzisa amabhizinisi amancane. Umhlangano wokuqala wabafundi abangama 52 abathola imifundaze uzophothula iziqu zeDiploma yeManagement of Co-operatives eseNyuvesi yakwaZulu. Lezi zifundiswa ziyofakwa kumfelandawonye njengengxenye yohlelo lokufundasakusebenza ukuhlinzeka ukweseka kokugcina izinto okudingeka kakhulu. Umnyango uzophothula ukubukeza isu lesifundazwe leB-BBEE, kanjalo nesu lokuHlomisa iNtsha ngezomnotho ukuze kwamukelwe kuphinde kuvunywe izinhloso ezidingekayo. Izoqhubeka nokuqinisa imikhankaso yokuqwashisa ngama-B-BBEE kanye nokudidiyela ukuqinisekisa ukuthi ama-B-BBEE ahambisana aphinde abeke phambili izinhloso ezihlosiwe.



- **Ukulawula nokubusa ebhizinisini:** Lezi zindlela ezilandelayo zokuphucula ikhwalithi kuhlelwe ukuba kufinyelelwe kuzo kowezi 2014/15, phakathi kokunye:
  - Ukuhlala kubhekwe ukuqalisa ukusebenza kwenqubomgomo yoHlaka lokuHweba ngokuNgahlelekile nomasipala.
  - Ukuqalisa ukusebenza ngokugcwele uMthetho wamaLayisense oTshwala eKZN, kanye nezichiniyelo zawo kanye nemithetho engenayo.
  - Ukuphothula iMithetho mayelana noMthetho wokuVikela aBathengi eKZN wowezi 2013 bese kuqalisa ukusebenza koMthetho.
- **Ukuhlela umnotho:** Lolu phiko luhlinzeka ubuholi ekuqaliseni amaphrojekthi athinta izindawo njengeZizinda zomnotho weZimboni, izindawo ezikhethekile zomnotho, amaphrojekthi afaka konke kaney namasu. Luphinde lugade ukuqalisa ukusebenza kwamasu abalulekile esifundazwe, njengokutshala iziMali ngokudayisa impahla emazweni angaphandle kanye namasu okuHlomisa iNtsha kwezoMnotho.

Isabelozimali siphinde sihlizwe ukwedlulisela ezinhlakeni ezehlukene zompahakathi ngaphansi kokulawulwa wuMnyango, okuyilokhu:

- **Ithala Development Finance Corporation:** Okugxilwe kukho kakhulu yizimali zebhizinisi. Ukuhlangabezana negunya lentuthuko laseThala kufaka nokuhlinzeka amazinga enzalo kanye nemali ewumholo kube ngaso lesi sikhathi kwehliswa iphesenti lamalimboleko engenzi kahle. Njengoba kutshengisiwe, kugxilwe ekuqoqweni kwemali okwenyukile kanjalo nokwesekwa okwenzeka emva kokutshala imali ukuqinisekisa ukuthi imalimboleko engenzi kahle igcinwa incane.
- **IBhodi lokugcinwa koShaka laKwaZulu-Natali (KZNSB):** IBhodi lizoqhubeka nokuvikela abagezayo ukuthi bangahlaselwa oshaka, ngaso lesi sikhathi bebheke izilwane zasolwandle. Lizoqhubeka nemizamo yocwaningo ukukhiqiza ikhebula exosha oshaka ezofakwa ezindaweni ezithile ukuze kuhlolwe ukusebenza kwayo nokuthi bantu baphepe kanjani kuyo ngaphambi kokuba ikhiqizwe ngokugcwele.
- **Abaphethe ezokuvakasha eSifundazweni:** Bazoqhubeka nemisebenzi abavele abanayo njengamanje. Ukongeza bayogxila ekwakheni nasekuqiniseni izisekelo zezokuvakasha ezikhona njengamanje, isib. Ngokuhlinzeka amaphakheji alawo maqembu akhonjiwe, ukuphelezela abavakashi kanye nemicimbi ethile. EzokuVakasha eSifundazweni zizoqhubeka nokukhomba ezinye izindawo zokuqinisekisa nokubamba iqhaza nezethameli kanye nabathatha izinqumo, ngenhloso yokubeka iKZN emehlweni omhlaba. Ngakho-ke ezokuvakasha eSifundazweni zizobamba iqhaza ezindaweni eziningi zokuhweba ngaphakathi nangaphandle ezweni, ezinye zizobe zizintsha ngokuhambisana noHlelo olukhulu lwezokuVakasha kanye nezinjongo zamasu ezamabhizinisi.
- **I-Dube TradePort Corporation:** Kowezi 2014/15, i-DTPC izokwakha uhlelo olusha lokubhekana kanye nokulawula iSEZ. Umsebenzi wokwakha umgwaqo oxhuma uthelawayeka kuWatson Highway kulindeleke ukuba uphuthulwe ngesikhathi kusahlelwa izimvume kanye nokudweba okungaphothuliwe kokunwetshq kwe-AgriZone kanye nouqalisa ukwakha indawo yokuHweba 2.
- **Ukuhweba nokutshalwa kwezimali eKZN:** i-TIK izinikele ekwakheni indawo eKZN evumela ukuthuthuka kwebhizinisi neheha abatshali bezimali balapha nabasemazweni omhlaba, kanjalo nabahwebi. I-TIK izoqhubeka igxile ekubeni sezindaweni zase-Afrika.

Izinkampani zisazosizwa ukubamba iqhaza embukisweni kanye nasezindaweni zokutshala izimali kwi-SADC kanye nezimakethe zaseNtshonalanga nezaseMpumalanga ne-Afrikha.

- **I-Richards Bay IDZ:** Kowezi 2014/15 kuzogcizelelwa ukuhlinzekwa kwengqalasizinda yobunjiniyela ezigabeni ezikhona ze-RBIDZ ukuqinisekisa ukuthi uhlaka lusebenziseka kalula kulabo abafuna ukutshala imali. Amaphrojekthi ahleliwe eSigaba 1A afaka nokuqedelwa kwengqalasizinda yezobunjiniyela bezensimbi nobezikagesi, ukuqedwa kwesango lokungena kanye nendawo yokubheka izimvume kwabangenayo kanye nokuphothulwa kokudwetshwa komgwaqo ozodabula endaweni.

## H.5 Ezemfundo

Ingxenye enkulu (ama-40.8%) yesabelozimali iyaqhubeka nokuya kwezeMfundo. Isabelozimali sezeMfundo kulindeleke ukuba sikhule sisuke ezigidini ezingama **R37.597 kowezi 2013/14 esabiwe saguquguqulwa saba yizigidigidi ezingama R42.882 kowezi 2016/17**. Lokhu kukhombisa ukukhula okwejwayelekile okungama-4.5%. Isabelozimali esibekelwe ezeMfundo sikhokhela lokhu okulandelayo phakathi kokunye:

- **IZitatimende zeNqubomgomo yeZifundo nokuHlola (CAPS):** Kowezi 2014/15, i-CAPS izoqalisa ukusebenza emaBangeni 7, 8, 9 kanye nele 12. Njengengxenye yalokhu kuqalisa ukusbenza, othisha sebeqeqeshiwe ngayo yonke indlela ngaphambi kosuku lokwethulwa kwayo. Izincwadi zikaCAPS sezisatshalalisiwe ezikoleni ukuze othisha bazisebenzise ukuqalisa ukusebenza kwawo.
- **Izikole zamaBanga aphezulu ezifundisa ezoBuchwepheshe:** Izimali ezivela esibonelelweni sokufakwa kabusha kwezimali ezikoleni zamaBanga aphezulu ezifundisa ezoBuchwepheshe zizoqhubeka nokusiza umnyango ngokuqalisa ukusebenza kombono wawo. Izikole ezakhonjwa njengezidinga ukulungiswa zizolungiswa ngokubuchwepheshe bese zifakwa impahla eyimishini kanye namathuluzi okweseka izifundo zobuchwepheshe. Izikole ezongeziwe zezolimo kanye nezokuhlala emanzini zizosungulwa kanti eziyi 18 zizokwengenzwa kwezingama-32 esezizuzile kulesi sibonelelo. Ngokuhambisana nalokhu, izikole zezolimo zizohlinzekwa ngamathuluzi amasha.
- **IZibalo, isu leSayensi kanye noBuchwepheshe:** Ukwenza komfundi kulezo zifundo kulokhu kuwukhathaza uMnyango. Isu eselithuthukisiwe lizoqhubeka nokuqalisa ukusebenza, ligadwe liphinde lihlolwe, kubhekwa izikole eziningi, othisha kanye nezidingo. Kulokhu kunezinhlelo ezikhona zokwakhana iSikhungo seZibalo kanye neSayensi ukuqinisa ukufundiswa kweZibalo neSayensi eSifundazweni.
- **Izincwadi zokweseka othisha nabafundi:** ukuhlinzeka kanye nobukhona be-LTSM ngosuku lokuqala lokufunda kuzo zonke izikole kubalulekile ukuhlinzeka imfundo eyikhwalithi. Ngokuhlinzeka kuka-CAPS -izincwadi ezibekiwe kuwo wonke amabanga (1 - 12) ebe eseqediwe ngasekuphela kowezi 2013 ukuze zisetshenziswe kowezi-2014, okugxilwa kukhona wukufisa ukwenyuka kokufinyelela kwezincwadi kubafundi ngowezi 2015. Kulokhu, umnyango uzoqhubeka ukubheka izinto ezehlukene ezingase zenziwe ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi lowo nalowo mfundi unencwadi yesifundo ngasinye.
- **Ukubeka phambili kabusha kanye nesu lokugcina okukhona:** UMnyango ngokubambisana noMnyango wezeZimali eSifundazweni, usubeke okuningi phambili kowezi 2014/15 ezintweni eziningi ezingaphansi kweZimpahla neMisebenzi, uKwedluliselwa noxhaso iMishini namaThuluzi ukuze kubhekwane nemithelela eqhubekayo ngezincindezi

zokusebenzisa imali okuvezwa yiSinxephezelo kuBasebenzi. Lokhu kuchaza ukuthi ukuhweba phakathi kokuhamba phambili okuncintisanayo komnyango, ukuphatha ngendlela abasebenzi, ukukhulisa imithombo etholakalayo nkanye nokuqinisekisa amandla emali ngesikhathi kuqinisekiswa ukuthi ikhwalithi yemfundo eyisisekelo ayilimali.

- **Inggqalasizinda yesikole:** UMnyango uzoqalisa ukusebenza uBuciko namaZinga eNggqalasizinda okunomfutho njengoba sekushicilelwe nje. Uhlelo lokwakha izikole ezintsha, amaklasi eske izifundo ezifundwayo, amalabhorethri, amaklasi angasetshenziselwa izinto eziningi, uhlelo lokufaka ugesi, kanjalo nokuthuthwa kwendle kanye nohlelo lwamanzi ukuze ukusebenza kwezikole okuyisisekelo kuzoba khona. UMnyango uzoqhubeka nokuhluzeka ingqalasizinda yezikole zabaphila nokukhubazeka ukuze kunikwe abafundi abaphila nokukhubazeka bafinyelele emfundweni. Cishe izikole eziyi-10 sezidwetshiwe futhi zikulungele ukwakhiwa kowezi 2014/15. Kowezi 2014/15, uMnyango uzophinde wenyuse inani lamaklase e-ECD ukuze izikole eziningi ezineklasi uR zibe nendawo ekulungele lokho. Esewonke amaklasi angama 400 okulindeleke ukuba abe eseqediwe kowezi-2014/15.

## H.6 UMnyango wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni

**Ukwabiwa kwesabelozimali soMnyango wezokuGcinwa kwaMafa eSifundazweni kuyenyuka kusuke ezigidini ezingama R653.971 kowezi 2013/14 saya ezigidini ezingama R759.449 kowezi 2016/17 okuwukukhula konyaka ngama 5.1%. Lokhu kwabiwa kuzokhokhela imizamo eminingana, okufaka:**

- **Ithimba elengamele iNggqalasizinda:** leli thimba lizoqhubeka nokweseka iminyango, omasipala kanye nezinhlaka zikahulumeni ngamaphrojekthi ayinkinga engqalasizinda kanye nokusebenzisa imali ngokungekhona kuCAPEX. Kuzoqashelwa ukuchazwa kwamaqhaza abanjwayo, izibopho kanye namaphuzu okuthatha izinqumo ukuqinisekisa ukuthi "izindawo ezingaqondakali" mayelana namagunya okuletha ingqalasizinda, ukusbenza kanye nezibopho kubekwe eceleni. IMinyango kanye nomasipala iyogqugquzelwa ukuba isebenze njengokubanjiswene nabo ohlakeni lokubusa ngokubambisana.
- **Uhlelo lokweseka uMasipala:** Lolu phiko luzoqhubeka ukweseka omasipala njengokwegunya ngokomthetho ngezindlela ezehlukene, okuncike ezidingweni zikamasipala ngamunye, ngenhloso yokuqinisekisa ukuthi umasipala akatholi kuphela ukuphatha izimali ngendlela kanye nemibiko emihle yamabhuku, nokuthi kuphinde kulethwe imisbenzi ngendlela nangesikhathi.
- **Ukulawulwa kwezivumelwano:** UMnyango wezeZimali uzoqhubeka nale phrojekthi okuchaza ukuthi yonke iminyango nomasipala bagcwalise ngokugcwele irejista eyesekwa izincwadi zesivumelwano kanye nokulawula ngendlela isivumelwano.
- **Izinkundla zokulalelwa kokuDluliselwa kwezicelo zamaBhidi kaMasipala:** Lokhu kuzovumela abahlinzeki misbenzi abanezikhalo kanye nabanye abanentshisekelo ukuba bafake izikhalazo ezimayelana namabhidi akhishwe omasipala.
- **UHlelo lombiko ongenasici:** oluzosiza iminyango kanye nomasipala ukuthi bathole baphinde bagcine imibiko yamabhuku engenasici.
- **Imisebenzi yokubheka amabhuku ngeForenzikhi:** izoqhubeka nokuhlola ukukhwabanisa kanye nokubukeza izinhlelo zokuvimba ukukhwabanisa, ukuphenya ukukhwabanisa

nenkohlakalo nokuthuthukisa idathabhesi ehlungiwe yokuphenya ukukhwabanisa eSifundazweni. Ukusbenzisa imali ukulwa nokubuyekeza kanye nophenyo lweforenzikhil lusiza ukunciphisa ukumosha kanye nokukhwabanisa nenkohlakalo bese kukhuphula ukusebenza ngendlela. IHhovisi likaMhlahlizimali-Jikelele liqinisa ukulawula izindawo zezinhlelo zezimali zikahulumeni, kuzwelonke, ezinyangeni eziyi-12 ezidlule kwaphenywa amacala angama-68 enkohlakalo, ukukhwabanisa kanye nokungaphathi ngendlela okuholela ophenyweni lwamacala obugebengu angama-47 kanye nawokuqondiswa izigwegwe angama-65. Ukukhokha izigidi ezingaba ama-R503 kwakhanselwa kanti izigidi ezingama-R61 ziphindelwe emuva emalini kahulumeni.

## H.7 EzeMpilo

**Isabelozimali esibekelwe umnyango wezeMpilo senyuke ngezigidigidi ezingama R29.141 kowezi 2013/14 saya ezigidigidini ezingama R33.822 kowezi-2016/17.** Lokhu kuyisibalo esilele isibili uma usuka phezulu (ama-31.9%) esabelozimali sesifundazwe esinokukhula okungama-15.1% ngokwejwayelekile. Lesi sabelozimali sizosetshenziselwa okuhamba phambili, njengalokhu:

- **Ukuvimbela kanye nokunciphisa isisindo sezifo** okugxilwe kukho kakhulu wukuvimbela kanye nokuphucula imiphumela yempilo kwabakhulelwe, izingane ezisanda kuzalwa, izingane ezincane kanye nokuqondene nabantu besifazane kanye nohlelo lokudla, iSifo soFuba, iGciwane leSandulela Ngculazi kanye neNgculazi, izimo ezingathathelwana kanye nokulimala nodlame.
- **Ukugxila kakhulu emisbenzini ewukuNakekela okuHamba Phambili:** ngokwenyusa ukubheka kwewadi amaqembu anakekela umphakathi, amaqembu empilo yezikole namaqembu ongoti bemitholampilo yasezifundeni. Kuyonika ukunakekelwa ngosizo lokuqala nemisebenzi ehambisa abahlengikazi phambili emitholampilo, ezindaweni zokuvakashela, imitholampilo engomahambanendlwana neyaseduze. Ukongeza kuhlinzeka ukunakekelwa emazingeni aphansi kwabakhulelwe, izingane kanye nokwelashwa kwabesifazane, asebekhule kakhulu, ukwelulawa, ukuvocavocwa, ukwelashwa ngokomqondo, izifo ezithathelwanayo, ukunakekelwa komlomo nokwamazinyo, ukwelulekwa ngokomqondo ukulungiswa kanye nokukhubazeka nezifo ezingelapheki.
- Okunye okuhlosiwe okumayelana nama-PHC yile misebenzi:
  - 11 wamaqembu abahlengikazi abaqeqeshwe ngokukhethekile (iqembu eli-1 esifundeni ngasinye) kowezi-2015
  - 4 amaqembu odokotela abangongoti kowezi-2015
  - 250 amaqembu abhekele impilo yezikole kowezi-2019
  - 100% wezifunda zasemakhaya ezibhekwe ngokugcwele amaqembu ahala emawadini kowezi-2019
- **Ukuphucula ikhwalithi yokunakekela** ngokuqalisa ukusebenza amazing abalukekile kuzwelonke Kanye nokusungula izinhlelo ezisebenza ngendlela zokuqinisekisa ikhwalithi ukuqapha ukuphucula ikhwalithi.

- **Ukuhlinzeka izidingo zasezibhedlela zikahulumeni** ngokuletha imisebenzi yasezibhedlela zezifunda ezingenzi lodokotela abawochwepheshe ezifweni zonke, ukuqeqesha abasebenzi bezempilo Kanye nokwenza ucwaningo. Kuzophinde kuhlinzekwe izidingo zokwelashwa ngokwengqondo ezibhedlela. Kwalabo bantu abagula ngokomqondo nabakhubazekile bese kuhlinzekwa ukuqeqeshwa kwabasebenzi bezempilo kanye nocwaningo.
- **Ukuhlinzeka ukulawulwa nokulondolozwa kwezikhungo** ezinjengamitholampilo yemiphakathi, izikhungo zezempilo emphakathini, izibhedlela zezifunda, izindawo zokwephalela izimo eziphuthumayo, izibhedlela zezifundazwe, izibhedlela zikawonkewonke kanjalo nalezo ezisezingeni eliphezulu, kanjalo namanye amabhili nezakhiwo. Umnyango uhlela ukuhlinzeka izindawo ezintsha kanye nokulungisa, ukuphucula kanye nokugcina esimweni esikhona. Lokhu kufaka ukuhlinzeka kwezindawo ezongiwe zokunakekela impilo okuyisisekelo, ukuqinisekisa ukufinyelela okuphuculiwe ezidingweni zezempilo ezindaweni ezinganakiwe esifundazweni kanjalo nokuhlinzeka amathuluzi amakhulu ezokwelapha.

## H.8 Ezokuhlaliswa kwabantu

**Isabelozimali soMnyango weZokuhlaliswa kwaBantu siyenyuka sisuka ezigidigidini ezi R3.591 kowezi 2013/14 saya ezigidigidini ezi R3.908 kowezi 2016/17**, okuwunyuko olujwayelekile ngokwezimali unyaka nonyaka olungama 2.9%. Isabelozimali sizosetshenziselwa lokhu okulandelayo, phakathi kokunye:

- **Ukuphuculwa kwezindawo eziyimijondolo:** Okumele kulethwe kuqala kungaba wukuhlonza umhlaba osendaweni enhle nongamanani aphantsi ukuze kuqaliswe uhlelo lokuphucula izindawo eziyimijondolo. Cishe imindeni eyizi 296 507 ihlala ezindaweni eziyimijondolo engaphansi komasipala abangama-61 baseKZN. Cishe ama 95% ale mindeni ikomasipala abayi 11, abangama-78% bangaphansi kukamasipala omkhulukazi weTheku. Amaprojekthi lapho uMnyango uthola khona umhlaba osendaweni enhle owaseDriefontein, KwaDukuza ngaphansi kukaMasipala weSifunda Ilembe, okumele ulethe izindlu eziyizi 17 000, kanye nowaseBlauwbosch eNewcastle ngaphansi kukaMasipala weSifunda Amajuba, okumele ulethe izindlu eziyizi 25 000.
- **Ukuthuthukiswa kwezindlu zasemakhaya:** Ngenxa yokuthi iKZN inezindawo eziningi ezingamakhaya, uMnyango uzogxila ezindaweni zasemakhaya njengxenye yokwenza ngcono izindawo eziyimijondolo, ikakhulukazi ngenxa yohlobo lwezindlu olutholakala ezindaweni zasemakhaya oluzwelayo uma kuba nezimvula ezinkulu, imvula enokuduma noma kuba nezinhlekelele ezicishe zifane nalezo.
- **Ukulungiswa kwezindlu ezakhiwa ngaphambi kowe-1994:** Lolu hlelo kuhloswe ngalo ukulungisa izindlu ezakhiwa ngaphambi kowe 1994. Izimali ezikhokhelwa ukulungisa izindlu eziyizi 42 797 sezivunyiwe wumnyango. Amaprojekthi ehlukeni eThekwini, eNewcastle kanye naseMdoni zivele ziyaqhubeka. Amaprojekthi alandelayo amanye asahlelwa noma alinde ukuvunywa kwezimali zokuwakhokhela kanti kulindeleke ukuba aqalise ukusebenza kowezi 2014/15: Estcourt (izindlu eziyizi 8), eDundee (izindlu ezingama 800), eVryheid (izindlu ezingama-73) kanye nased Ex-R293 kanjalo nezindawo okwakungezabantu kumasipala omkhulukazi waseThekwini (izindlu eziyi 1 681).

## H.9 Ukuphepha koMphakathi nokuXhumana

**Ukwabiwa kwesabelozimali soMnyango wezokuPhepha Kanye nokuXhumana kulundeleke ukuba kukhule kusuka ezigidini eziyi R171.347 kowezi 2013/14 uya ezigidini eziyi R198.470 kowezi 2016/17, okuwukukhula okulindelekile okungama 5.0%. UMnyango unesibopho semisebenzi elandelayo ngokuhambisana nokuqalisa kabusha ukusebenza koMthetho wokuBhalwa kwezinto zaBantu nokuSebenza kwaMaphoyisa wowezi 2011Ukugqugquzela ukuziphendulela nokungafihli lutho embuthweni wamaphoyisa ngokuhambisana nohulumeni obuswa ngokwentando yeningi.**

- Ukuphucula ukuzwana okuhle Kanye nokwakha ukubambisana phakathi kwamaphoyisa nomphakathi.
- Ukuqondisa i-SAPS ekukwazini ukubhekana nezidingo zesifundazwe Kanye nokuhamba phambili.
- Ukongamela ukuthuthuka Kanye nokudidiyela imizamo yokuvimbela ubugebengu emphakathini.
- Ukugqugquzela Kanye nokweseka ukunikwa amandla labo abayizisulu.

## H.10 UMnyango wezaseNdlunkulu

**ISabelozimali soMnyango wezaseNdlunkulu wehle usuka ezigidini ezingama R68.746 kowezi 2013/14 saya ezigidini ezingama R59.549 kowezi 2016/17.** Lokhu kwehla ngama 4.7% okwejwayelekile. Lokhu kuncishiswa kungenxa yokwabiwa kwemali okwenziwa Kanye kusukela kowezi 2011/12 kuya kowezi 2013/14 ukuze kuzolungiswa kuphinde kwakhiwe kabusha izigodlo. Lezi zimali ziphela kowezi 2013/14, ngokuhambisana nezidingo zephrojekthi. Kowezi 2014/15 izimali zabelwe oNgangezwe lakhe, iSilo ukuze enze **yonke** imisebenzi yakhe enjengalena:

- Akabambe iqhaza emikhosini Kanye nasemicimbini kahulumeni.
- Abeke *Amakhosi*.
- Ukwenza imikhosi yosiko njengoMkhosi woKweshwama kanye noMkhosi woMhlanga phakathi kweminye.
- Ukuhambela izindawo ezingaphakathi ezweni nasemazweni omhlaba njengexusa lezamabhezini eKZN.
- Ukudlala indima enokweseka ekukhiqizweni kwezitshalo kanye nezilwane.

## H.11 EzokuBusa ngokuBambisana kanye neZindaba zeNdabuko

**ISabelozimali soMnyango senyuke ngesigidigidi esi R1.246 kowezi 2013/14 saya esigidigidi esi R1.436 kowezi 2016/17, ukukhombisa ukukhula okwejwayelekile kwama 4.8%. Lesi sabelozimali sihlizekela lokhu:**

- **Ohulumeni basekhaya:** In light of the re-demarcation of municipal boundaries in the province, the Department will focus on supporting and facilitating transitional arrangements necessary in preparation for the next local government elections in 2016. Support to



municipalities in key areas of human resource management and development, as well as governance, will be a key priority. Building the capacity of councillors and municipal officials will be achieved through accredited training programmes, various workshops and knowledge sharing opportunities.

- **Intuthuko nokuhlela:** Umnyango uzogxila ekuthuthukiseni ukukwazi ukubhekana nemililo esifundazweni, kanti uyokweseka omasipala ukuhlangabezana nezidingo eziza kuqala. Lokhu kuyokwenziwa ngokubambisana ne-USA 911 Fund. UMnyango uzothenga izimpahla zokusiza isimo njengezingubo zokulala, amashidi oplastiki, amatende, izindlui eziphathekayo, kanjalo namaphasela anezitsha zasekhishini ngenhloso yokusiza kamti kuyoqeqeshwa kwamakhansela ukuze aqwashe emphakathini. Amakhosi, kanye namavolontiya kanye nohlelo lokwakha umthamo wokusebenza ukuze kube nomphakathi onolwazi, ohlala uqaphile nonokuzimela uma kuziwa ekunciphiseni ingcuphe.
- **Ukulawula Izikhungo zeNdabuko:** Umnyango uzoqhubeka ukweseka iZindlu zaseDuze ngokuhlala kahle emphakathini kanye nokubamba iqhaza ekubuyiseni ukuziphatha okuhloswe ngakho ukuqeda izinkinga emphakathini. Kuzophinde kweseke emiphakathini yendabuko ngokusungulwa kokubambisana kwentuthuko ebalulekile.

## H.12 EzokuThutha

**Isabelozimali esibekelwe uMnyango wezokuThutha siyenyuka sisuka ezigidigidini eziyisi R8.046 kowezi 2013/14 siya ezigidigidini eziyi R10.002 kowezi 2016/17** okukhombisa ukukhula okwejoywelekile ngama-7.5% ngokwemigomo ebekiwe. Le sabelozimali sihlizeka lokhu:

- **Ingqalasizinda yezoThutha:** Izinhlelo zoMnyango (njengoHlelo luka-kuShunquthuli) uzoqhubeka ukugxila ekuthuthukiseni ingqalasizinda yemigwaqo ezindaweni zasemakhaya. Umnyango usehlonze amaphrojekthi ahamba phambili azonika ugqozi ekuxhumaniseni imiphakathi yasemakhaya nezizinda zesifundazwe, okufinyelela enhlosweni enesu lokuhlizeka ukufinyelela kanye nokuhamba kalula eSifundazweni. UMnyango uzoqhubeka ukwaba isamba esikhulu sokukhokhela ukwakhiwa kwamabhriji ayi-13 abahamba ngezinyawo kowezi 2014/15. Umnyango uzoqala ukulungisa kanye nokwakha inxakanxaka yemigwaqo yesifundazwe ukuphucula kanye nokwelula izinsuku zokuphila.
- **Ezokuthutha abantwana besikole:** UMnyango uzoqhubeka nokuhlizeka izindlela zokuthutha abantwan besikole eKZN kowezi 2014/15 bese uhlizeka abafundi abayizi 24 000 ezikoleni ezingama 260 ngonyaka ngezokuthutha.

## H.13 Ezokuthuthukiswa koMphakathi

**Isabelozimali soMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi siyenyuka ngezigidigidi ezi R2.316 kowezi 2013/14 siye ezigidigidini ezi R2.768 kowezi-2016/17**, okuwunyuko olwejoywelekile ngonyaka olungama-6.1% ngokwemigomo ebekiwe. Lesi sabelozimali sihlizeka lokhu phakathi kokunye:

- **Ukuvikela kanye nokugqugquzela imisebenzi yabantu abadala kanye nabantu abaphila nokukhubazeka:** Izinhlelo zokuqwashisa ngokuphuculwa kwamalungelo abantu asebekhulile zizokwenziwa ezindaweni ezehlukene. Izinhlelo zokuguga uzilolonga zizoqiniswa

ngokunakekelwa okugxile emphakathini kanye nezokweseka. Izinhlelo ezihlanganisa izizukulwane ezehlukene zizohlionzekwa oThukela, eMgungundlovu, eNyakatho yeTheku kanye naseNingizimu yeTheku.

- **Ukunakekela kanye nemisebenzi enikwa abantu abaphila nokukhubazeka:** Ukuqeqesha ngezinqubomgomo zokukhubazeka, ukuhlukaniswa kokukhubazeka, i-othizimu, ulimi lwezandla kanye "nokuZethemba Kwami" kuyokwenziwa. Izinhlelo zokuqwashisa ngesifo sokungakwazi ukufunda kuyokwenziwa ukuze kwaziswe umphakathi ngezinkinga zokufunda ezibhekana nezingane eziphila nokukhubazeka, kanye nezinhlelo kanye nezinkuthazakwenza zabantu abaphila nokukhubazeka okuzonwetshwa.
- **Ukunakekelwa kwezingane kanye neMisebenzi yokuVikela (uMthetho wezingane):** Kuzogxilwa ezinhlanganweni ezivikela izingane ukuqinisekisa ukuthi kuyahanjiswa noMthetho weziNgane ngokwemigomo yamazanga abekiwe. Amarejista esifundazwe ezinganeni ezilinde abazali abazozifukamela nezingane esezihlala nabazali abazifukamele vele athuthukiswa. Ukugada ukuqalisa uHlelo lweSifundazwe lokuFukamela izingane luzoqiniswa.
- **Ukunika amandla kwabayizisulu:** UMnyango uhlose ukuqinisa izinhlelo zokwakha izinsiza zokusebenza Kanye nabanye abasebenzi abahamba phambili ngezinqubomgomo zokunika amandla kwabayizisulu, kanjalo nokuqinisa ukubambisana ukuze kudidiyelwe ngendlela futhi kuhlanyelwe ezingeni lamawadi ukuze kuphuculwe ukulethwa kwezidingo. Izinhlelo zokuvimbela nezokuqwashisa zizoqiniswa bese kucelwa amaphrophozali azoheha izinhlangani ezintsha nezisafufuza emkhakheni wokunika amandla kwabayizisulu.
- **Ukuvimbela ukusebenzisa ngokungeyikho izidakamizwa kanye nokuzibuyisela esimweni ngokuzelapha:** UMnyango uhlose ukusimamisa Kanye nokunweba izinhlelo zokulwisana nokudla izidakamizwa, kube kugxilwe ekusimamiseni ukukhokha izimali kanye nokugada izinhlangano eziNgatholi Nzuzo zeziguli ezelashelwa esibhedlela, lezo ezelashelwa ngaphandle kanye nemisebenzi yokuvimbela kanye nokunwetshwa kwemisebenzi yomphakathi kube kubhekwa kokwabiwa kwemisebenzi okugxile emphakathini. Izigaba zokwakha izimo ezingcono zokusebenza kulabo abasebenzayo kanye nabanesabelo kwinqubomgomo, amamodeli kanye nezinhlelo ezithuthukiswe ukuvimbela ukusetshenziswa kwezidakamizwa, kanye nokugada ukuqalisa ukusebenza.

## H.14 IMisebenzi yoMphakathi

**Isabelozimali zoMnyango wezeMisebenzi yoMphakathi siyenyuka sisuka esigidigidini esi R1.314 kowezi 2013/14 saya ezigidigidini ezi R2.046 kowezi 2016/17, okuveza ukukhula okulindelekile kwaminyaka yonke okungama 15.9%. Lesi sabelozimali sihlizekela lokhu:**

- **Uhlelo lokulawula izimpahla ezingagudluzeki:** lolu hlelo luqalisa ukusebenza kuMasingana kowezi 2014. Isigaba sokuqala sifaka ukufakwa kabusha kohlelo. Isigaba sesibili sifaka ukuthuthwa kwemininingwane, izinhlelo zokulawula ikhwalithi, izinhlelo zokulawula kanye nokuthuthukisa izinhlelo ezihlobene nobuxhakaxhaka bamakhompyutha kanye nokuwaphucula. Loluhlelo luzobe selusebenza ngokuphelele kowezi 2015/16 kanti izinzuzo zifaka izinhlelo ezididiyelwe, ukulawulwa kwamaphrojekthi aphuculiwe, ukulawulwa kwezindawo ezikhona kanye nokuhlela ukuhlola ukubiza kwezakhiwo okushaya khona ukuze kuvezwe umumo wezimali unyaka nonyaka.
- Ukutholakala kwezakhiwo zikahulumeni kanye nomhlaba.

- Ukwakhiwa kwamabhilidi kahulumeni amasha, noma ukuwaphucula. Unyaka wesine we-MTEF uhlinzeka isigaba sokuqala sokwakha indawo yamaHhovisi kahulumeni, uma lonke ucwaningo lokuhlola ukuthi kuzokwenzeka yini selwenziwe, nangesikhathi sokuthola imvume yeKhabhinethi.
- Ukugcinwa esimweni kwezakhiwo zikahulumeni kanye nomhlaba okufaka nokwenza umsebenzi odingekayo ukuqinisekisa izinga elidingekayo ukuze kusetshenzwe, kanye nokukhokhela amareyithi ezakhiwo.
- Ukubekwa eceleni kwezakhiwo zikahulumeni kanye nomhlaba, okufaka nokuchithwa kwezimpahla ezingaqukuleki ngokuzidayisa, ukuzibhidliza, ukuzishintsha kanye nokunikela ngazo.

## H.15 EzoBuciko naMasiko

**Isabelozimali soMnyango wezoBuciko naMasiko senyuka sisuka ezigidini ezingama R691.026 kowezi 2013/14 saya ezigidini ezingama R805.982 kowezi 2016/17, okukhombisa ukukhula ngama 5.3%. Iesi Sabelo sinezimali okuhlelwe ukuba zisetshenziselwe ukuba isifundazwe silawula imitapo yolwazi yomphakathi kanye nezigcinimagugu, okuchaza ukukhula okukhulu esabelweni. Isabelozimali siphinde sihlizikele lokhu:**

- **EzoBuciko namaSiko:** UMnyango uyophothula ucwaningo lokubheka ukuthi kungenzeka yini lokwakhiwa okuhlongozwayo kweSikhungo soBuciko namaSiko nokuyilapho kunezimali ezongeziwe ezibekelwe owezi 2015/16. Lolu cwano luyosihlinzeka ngezimali eziyizindleko zokwakha iSikhungo kanye nezifundo ezingase zifundwe, kanjalo nokuhlonza indawo elungele lesi Sikhungo. UMnyango unkankanya ukuphothulwa kwezikhungo ezehlukene njengoMzinyathi Art centre, ukuthi sisebenze ngokugcwele. kuzohlinzekwa ama-war room kumawadi ongeziwe angama 274 esifundazweni. Inhloso wukufinyelela kuwo wonke amawadi kowezi 2014/15. UMnyango uzoqhubeka nokudlala indima ebalulekile ekufukameleni imicimbi yomdabu njengoMkhosi woMhlanga, uMkhosi wokweshwama, uSuku lwe-Afrika, uSuku lweNkululeko kanye nemigubho yosuku loMkhosi weLembe. Yize noma enye inxenye yesabelomali yokwenza lokhu ibekwe emnyangweni weziNdaba zaseNdlunkulu.
- **Ezezilimi:** UMnyango uzoqhubeka ngokuqalisa kuMthethosivivinyo weziLimi weSifundazwe, ngokuhlinzeka ukuhumusha nokutolika ezikhungweni zikahulumeni. Usuku loLimi lweBele eMhlabeni Jikelele luyoba wumcimbi omkhulu oyokwenganyelwa yiloluPhiko-Mqondisi. Amaklabhu okufunda nokubhala kuma war-room kanye nezikhungo zokuqondisa izigwegwe okuzoqhubeka nokusungulwa.
- **Imisebenzi yezigcinamagugu:** UMnyango uzoqala ukwakha kwasePort Shepstone kanye nezigcinamagugu zase-Utrecht, kanye nesigcinamagugu somphakathi waseMpophomeni esizovulwa ngokusemthethweni. Izinhlelo zokuqeqesha abasebenzi bakusigcinamagugu kuyohamba phambili. UMnyango uzogxila ekuthuthukiseni ukuze kuhlangekshwane nokubekwe wumnyango. UMnyango uzogxila ekuthuthukiseni amaphrojekthi e"Time Travel" amane amasha njengalawa aseMooi River, i-Weenen, i-Greytown kanye nowaseHermannsburg.
- **Ezemitapo yolwazi:** Ukuhambisa izimpahla ngeNdlela eHamba ngaMagagasi, ukuze kubalwe isitokwe kanye nokulawula kwaso sonke isitokwe esikuyo yonke imitapo yolwazi, izophothulwa. Imitapo yolwazi emisha njengowaseNkungamathe, INdumo kanye nengxenye yomtapo wolwazi wasePort Shepstone izoqedelwa. UMnyango uzophucula imitapo yolwazi waKwaMbonambi kanye nowaseNtambanana. Umnyango uzoqhubeka ukwakha imitapo

yolwazi waseManyiseni, owaseNgwavuma, owaseCharlestown, owaseBilanyoni kanye nowaseMbali, kanjalo nokuphucula kanye nokunweba emitapweni wolwazi waseBruntonville ngaphansi kukaMasipala waseMpofana. UMnyango uzoqhubeka ukwedlulisela izimali kumasipala omkhulukazi waseThekwini njengokufaka isandla ekwakheni umtapo wolwazi omkhulukazi waseThekwini, ozophothulwa kowezi 2014/15.

## H.16 Imidlalo kanye nezokuNgcebeleka

**Ukwenyuka kwesabelozimali soMnyango wezeMidlalo nezokuNgcebeleka ngezigidini ezingama R401.524 kowezi 2013/14 siya ezigidini ezingama R435.024 kowezi 2016/17, ukukhombisa ukukhula kwaminyaka yonke okungama 2.7%.**

- **Okwejwayelekile:** Umdlalo yindlela yokuguqula imizimba kanye nomphakathi bese ifaka isandla esibalulekile empilweni yomphakathi, imfundo yawo wonke umuntu, ukulingana ngokobulili, ukunciphisa ukuhlupheka, ukuvimbela iGciwane leSandulela Ngculazi, kanye nokusimama kwendawo. Sinalokhu emqondweni ukuthi uMnyango wakhe kabusha indlela lokho okuletha umdlalo kubantu. UMnyango uhlose ukusebenzisa imidlalo kanye nokungcebeleka njengendlela yokuthuthukisa okubalulekile kuzakhamuzi kubantu abasha kanye nokubafundisa ukuthi bafake isandla emiphakathini yabo. Amaphakheji okubonisa kuma-War Room akhelwe ukufikela ezimbonini ezehlukene zomphakathi, okufaka amaqembu abebekwe eceleni, bese benikezwa amathuba okubamba iqhaza ngezinhlobo ezehlukene zemidlalo. Kowezi 2014/15, umnyango uzoqhubeka ukuphucula ukuphila kanye nokuphathana kahle komphakathi.
- **Imidlalo yasezikoleni:** UMnyango uzoqhubeka nokuqeqesha othisha ukuthi baqeqeshe imidlalo ethile, ukuba abasizi bakanompempe, ukulawula amaqembu nokuphatha imidlalo ngezinhlangano ezithile, ngokuhambisana noHlaka lokuQeqesha kuZwelonke. Abadlali abanekhono bayokhethwa emazingeni asekhaya, awesifunda nawesifundazwe bese beya koncintisana emazingeni kazwelonke kanye nawomhlaba jikelele.
- **Iphakheji yezokubonisa/Imidlalo empilweni:** UMnyango uzoqhubeka nokukhipha kancane kancane izinhlelo zomnyango ze-OSS ngamaphakheji okubonisa ama-War Room nokweseka izinhlelo zokuthuthukisa amakhono anjenge "midlalo eletha ushintsho", ukudala amathuba emisebenzi, ukuhlinzeka okokusebenza kanye nomjezi kanjalo nokuhlela imiqhudelwano namafestivali. UMnyango uhlela ukwakha izinkundla ezongeziwe ezingama 26 kumawadi ehlukene kowezi 2014/15.
- **Uhlelo lokubamba iqhaza kwabaningi:** UMnyango uhlose ukuhlinzeka ukubamba iqhaza kwabaningi emiphakathini nasezikoleni ngemisebenzi ekhethiwe yezemidlalo kanye nokungcebeleka, ngokubambisana nabanesabelo. Amalungu omphakathi aba namandla ngokukhethwa kwenye yentsha njengesizinda sabadidiyeli emva kokuba befundiswe amakhono adingekayo.
- **Ukuthuthukiswa kwengqalasizinda:** UMnyango ngeke wakhe kuphela izindawo ezintsha zezemidlalo kowezi 2014/15, kodwa uzophinde usize ekulungiseni izindawo ezivele zikhona uphinde uhlinzeke amathuluzi okugcina indawo isesimweni esigculisayo. Ulwazi oluvela kubacwaningi mabhuku ezimali zazo zonke izindawo zezemidlalo ezivele zikhona luyosetshenziselwa ukubuyekeza uHlelo lomnyango lokuThuthukisa iNgqalasizinda. Isabelozimali soMnyango sesihlinzekele ukuqokwa kwabazonakekela izindawo ukulawula kanye nokugcina izinkundla zemidlalo zisesimweni ngokwedlulisela izibonelelo komasipala.

## ISIPHETHO

Kulesi sabelozimali kuningi okumele sikujabulele; kanti futhi kunokuhlinzeka ukuze kufinyelelwe kulokho okufanele sifike kukho. Ngempela sixoxa indaba emnandi

Lokhu bekungeke kwenzeke uma iSifundazwe sangakwenza lokho:

- Okongiwe okutholakele onyakeni wezimali owedlule,
- Okwabelwe inqolobane, kanye
- Nokuqinisekisa ukuthi i-akhawunti yasebhangwe inemali, ebe isithola inzalo.

Esikuhlomule ngokubambisana njengohulumeni waKwaZulu-Natal kudinga ukuba sizinikele futhi sisebenze ngalelo nalelo lungu elisesigungwini kanye nabasebenzi bakahulumeni, okube sekuvumela lokhu:

- Sisebenzise isabelozimali ngokungeqisi
- Sakhulisa izibalo zokuthola ucwaningo mabhuku lwezimali olucoyisakele
- Ukunciphisa izindleko ezingadingekile kanye nokumosha
- Ukuthola okufanele imali: ukwenza okukhulu ngokuncane
- Ukubhekana ngqo nenkohlakalo nokukhwabanisa kanye nokwenza okubi kuseseqhulwini kulohulumeni. Asikhumbule ukuhlale "senza okuyikho, noma kungekho obukayo"
- Ukubhekana nokusetshenziswa kwezimali okungagunyaziwe nokungahambi kanye nemiphumela yokubheka amabhuku ezimali

Njengabagadi bemali kahulumeni bekumele sithathe izinqumo ezinzima kanti ngesinye isikhathi izinqumo ezingathandeki, kodwa kusisizile. Kulokhu ngicela ukubonga uNdunankulu, uMnu uSenzo Mchunu, Kanye nabalingani bami kukhabhinethi ngokungeseka ngokuqonda - sihambe indlela enzima sindawonye. Ngiphinde ngivume ukubaluleka kweqhaza Kanye nokweseka uNdunankulu wethu osehaphuma uDkt Zweli Mkhize.

Sinakekela kakhulu ukuthi kunokuhambisana nesabelozimali noHlelo lokuThuthukisa kuZwelonke, kanjalo neSu leSifundazwe, ukuze siqinisekise ukuthi sikhokhela okuhamba phambili kuzwelonke nasesifundazweni emithonjeni etholakalayo.

Besilokhu sigxile embonweni wesikhathi eside, okungukuthi "kowezi 2030 i-KwaZulu-Natal izobe ithuthukile, inabantu abanempilo, bephephile futhi benamakhono ibe yisango le-Afrika nomhlaba wonke jikelele."

Sincike kakhulu kuNgqongqoshe uPravin Gordhan kanye nabasenzi boMnyango wezokuGcinwa kwaMafa kuZwelonke ngobuhlakani babo, uholo kanye nokuseseka ngobuchwepheshe.

Amalungu eKomidi kaNgqongqoshe lesabelozimali asebenze ngokungakhathali ngokubambisana nami ekwenzeni lesi sabelozimali engisethula namuhla. Safakana imilomo siphikisana ngezindaba ezinzima ebesihlangana nazo endleleni okunezezela kwisabelozimali engisethulayo.

Ngiphinde ngibonge amalungu eSiShayamthetho ikakhulukazi usihlalo, uBelinda Scott kanye namalungu ekomidi lephothifoliyo yezezimali, ngokuseseka kanye nokusigqugquzela.

Ngizophinde ngibonge iziNhloko zeMnyango, aBasebenzi aBaphezulu bezeZimali (CFO's) kanye nabo bonke abasebenzi bakahulumeni esifundazweni ngeqhaza abalibambile ekuqinisekiseni ukuthi iSifundazwe siyaqhubeka nokuba sesimweni esihle sezimali. Sonke masizinikele ukugcina isimo sinjalo. Sethembele kini ukuba nidlale indima yenu njengabaqalisi-kusebenza ukuze kuzuze abantu esibasebenzelayo.

Ethimbeni lami eMnyangweni wezokuGcinwa kwaMafa esiFundazweni okufaka nabasebenza ehhovisi lami - nihamba nodwa.

**Ngibonga iNhloko yoMnyango uMagagula kanye nalabo basebenzi abazinikele abasibeke kulelizinga esesikulo namhlanje - siyazigqaja ngani nangemiphumela yenu. Nenze kahle!**

**kwiNhloko yehhovisi lami uMuzi Kubheka nabasebenza ngaphansi kwakhe, nisisize kakhulu ukuthi sikwazi ukuyixoxa lendaba emnandi. Ngiyanibonga ngokungeseka okungenakunanaza nangokusebenza ngokuzikhandla.**

*Ngizovala ngalamazwi kaMadiba, "ngiyihambile indlela ende eya enkululekweni. Ngizamile ukungawenzi amaphutha, ohambweni lwami kubekhona ukukhubeka. Kodwa ngisfundile isifundo sokuthi uma uqeda ukukhuphuka intaba enkulu kusuke kusekhona ezinye izintaba eziningi ezinkulu okusuke kusamele uzikhuphuke. Ngithathe isikhashana lapha ukuphumula, ukuze ngibuke ubuhle bendalo, ngijeqeze emuva indima esengiyihambile, kodwa ngingathi gozololo okwesikhashana, ngoba inkululeko iza nokuzibophezela, ngakho ngeke ngikwazi ukuchitha isikhathi ngoba loluhambo olude engilithabathile alukapheli."*

Siyoqhubeka nokuhamba lendlela ende - NDAWONYE njengabaseNingizimu Afrika - size sibumbane ngokweqiniso, singacwasani ngobuhlanga, singacwasani ngokobulili kanye nomphakathi onenqubekela phambili.

Ngiyabonga



## NOTES

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---

---